# *Uma uNkulunkulu Enathi, Pho Ziphi Zonke Izimangaliso na?*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. Sanibona kusihlwa, bangane. Sengibuyile futhi. Ngithole kuphela amahora amane kulokhu ukusa. Lawo amahloni. Futhi emva kokukhuluma amahora amane, benifanele nikhathale kakhulu yimina, beningangixosha emsamo.

2 [Ibandla lithi, "Qhabo!" Umfowabo kaMfowethu Branham, uDoc, uthi, "Lokho kuyangikhumbuza. Omunye ushilo namhlanje ukuthi uhlala njalo unesixha sezinto ozishiyile, ongangeni neze kuzo."—Umhl.] Yebo, mnumzane. ["Kodwa kulobubusuku, S'thandwa, ungaba naso sonke isikhathi osifunayo." Ibandla lithi, "Amen!" UDoc uthi, "Ngakho, awudingekile ukuthi ugeje lutho lwaLo."] Cishe nginohhafu weBhayibheli obhalwe lapha. [Omunye uthi, "Unobusuku bonke, ukuba ushumayele."] Sinababfowethu abayigugu abaningana lapha, sifuna ukubezwa.

3 Bangaki abayithokozele inkonzo kulokhu ukusa, ye. . . [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Eqinisweni, amahora amane. Angazi ukuthi leyoteyipu iyephi.

4 Udadewethu ungibizile, emva kwenkonzo, wayesethi, "Bekungafanele ukuba kungabi ngomunye umuntu." Wathi, "Bekufanele kube kimi nje. Ngase ngithi," kumyeni wakhe, "'Junior,' ngathi, 'ubungacabangani na?' 'O,' wathi, 'Ngimzwile uMfowethu Branham enza okungcono kunalokho.'" Wathi, "Ngakho-ke bengiqiniseka ukuthi konke kuza kimi," washo.

5 Ngikholwa ukuthi ungemuva lapho, kungenjalo bengizomxoxela, kodwa ngizovele ngikuyeke kanjalo. Delores, ukuphi na? Akekho lapha. Awu, ngizokuxoxa-ke. Wathi, "Benginecala lokusebenzisa nje okuncinyane kwakho, uyazi, ngikufakelela; ngithi ukusika kancanyana nje." Wathi, "Lokho sekuphelile." Waqonda ukuthi ubengakafi nokho, niyabo. Ufanele ufe, wethiwe kanjalo umlayezo wo. . . woNyaka oMusha. INkosi mayimuphe izibusiso zaYo.

6 Kumnandi kabi, kulobubusuku, ukubona abaningi kangaka bekhona. UMfowethu Graham Snelling, bengisanda kungena ngaso nje isikhathi ukumuzwa evala ngaleloculo elidala, "Futhi SiyoHamba SiyoKwakha EGqumeni laseZiyoni."

7 Ngiqagele akukho muntu phakathi lapha oke akhumbule uRabbi Lawson omncane. Ukhona omkhumbulayo na? Ya, ababili noma abathathu benu, uMfowethu Graham noMfowethu Slaughter. Lelo lingenza ngicabange ngoMfowethu Lawson. Niyakhumbula ukuthi wayevamise ukucula kanjani na? Omncane, umfo omncanyana, ngangimbiza ngo "rabi" ngoba wayefaka esincane, esiyisicaba, isigqoko esimnyama. Wayengumshumayeli wamaPentecostal. Kodwa, ezinkulu izibuko zegobolondo lofudu, ngase ngithi, "Ubukeka ufana norabi nje." Futhi ngakho njalo sasimbiza ngo, "Rabbi Lawson," umfowethu omncane omangalisayo. Futhi wa—wayesemdala kakhulu, wayengena eqhotha; wagaywa yimoto, futhi yenza amadolo akhe abal'khuni. Wayelengisa induku yakhe ikheyini yokuqhugela, noma induku yakhe eyikheyini yokudondolozela, ngaku *lolu* uhlangothi lapha. Futhi ngangihlala phansi esihlalweni. Futhi kwakuthi uma efika laphaya kuleyongxenye, "Amasondo okuphila okusazokufa ayoma onke ngqi," wayecosha leyokheyini endala, elule ihlombe lakhe, bese eyihhuka ngqo entanyeni yami, bese engiphakamisa ngqo *kanje*, angigaxe, bese ethi, "khona-ke *si*yohamba siyokwakha egqumeni laseZiyoni."

8 Noma ubani, okhona omunye phakathi lapha owake wamazi uRabbi Lawson na? Niyingcosana nje. Ngifuna ukusho lokhu, ke. Into exakile yenzeka kuye. Wayenguye ngempela, umshumayeli omncane, umfowethu onomoya omuhle. Futhi wa—wayengenabuphathi obukhulu; lowo kwakungesiwo umsebenzi wakhe awuthunyiwe. Kodwa, kodwa ngikholwa ukuthi waphila ngokwethembeka kulokho ayebekelwe ukuthi aphathe kukho, leyo yinto enkulu.

9 Nomkakhe wayecabanga ukuthi wayengenzi imali eyenele, eshumayela, ngakho wayefuna athole umsebenzi. Wayetadisha iBhayibheli ngaso sonke isikhathi. Ngakho ngelinye ilanga wamthukuthelela kakhulu, wavele nje wahlwitha iBhayibheli emathangeni akhe impela, waLithatha, wayesephakamisa isitofu, wayeselihlohla esitofini futhi waLishisa. Ezinyangeni ezimbalwa emva kwalokho, wayefaka amalayithi kaKhisimuzi, umlilo wesihlahla sikaKhisimuzi wokheleka kuye futhi wamshisa, kuyo impela indawo efanayo. Niyabo, uvuna okutshalayo. "Ningamthinti ogcotshiwe waMi, ningabalimazi abaprofethi bami." Niyabo?

10 Ngicabanga ngeZwi likaNkulunkulu. Labobantu abehlelwa yingozi phandle lapho, kwase kuthi-ke uSathane wazama ukubhubhisa eyabo. . . Ngiyababona nje besukuma emuva lapho, ngaleyonkathi nje, ukudedela omunye angene. Ikharaveni yabo, ngokuphathekayo yonke into kulelokamelo yasha yahashuka. Ngangiphandle lapho. Into kuphela eyaba nesasasa, ngiyacabanga, kwakuyiBhayibheli elidala elibusisiweyo futhi, ngiyacabanga, incwadi yami nekaMfowethu Osborn. Yonke into

yasha yahashuka, kwikharaveni yabo. Ngalicosha iBhayibheli, lalithe nje ukufuswa yintuthu kancane ngaphandle. Ngatshela udade nomfowethu ukuthi ngoluny'usuku, iNkosi ithanda, ngithanda ukuthatha lelo liye epulpiti lapha, bese ngishumayela ngendikimba ethi, "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze." Uma konke sekungasekho, iZwi lilokhu likhona. Akumangalisi yini ukuthi uNkulunkulu ulinakekela kanjani iZwi laKhe na? Bese-ke ededela leloZwi libe kini, Uyoninakekela. Kunjalo.

11 Ngesikhathi sikazamcolo. Ngangishumayela lapha ngobunye ubusuku, ngashiya iBhayibheli lami. Uzamcolo ka '37 wafika ebusuku, cishe impela, lapho ushanela lonke iTabernakele; waphakamisa lona lelipulpiti, waliphakamisa ngqo (wawungekho omunye usilingi phakathi lapha ngalesosikhathi) futhi walihlalisa ngqo ngakusilingi. IZwi liphansi kwepulpiti; esikhundleni sokuba licwile, lantanta, waliphakamisela ngqo kusilingi. Ngagwedla ngagwedla ngijikeleza ngapha, ngisesikebheni. Kwase kuthi lapho amanzi esebohla, lehla futhi lalibekwe khona lapha esahlukweni esifanayo engangifunda kuso, emva kukazamcolo. "Kodlula amaZulu nomhlaba, kodwa iZwi laMi alisoze." Kunjalo. Uyamangalisa. Akanjalo na?

12 Qiniso, ngi—ngifuna ukusuka lapha, ngokukhulu ukushesha, ngoba banabefundisi abaningi kabi abanomoya omuhle. Bengicabanga ukuthi bengizobabizela emsamo bonke, kodwa asinazo izihlalo zabo. Ngoba, sengibone abaningana selokhu ngifikile lapha, ezethamelini, mhlampe banomlayezo kulobububusuku. Sifuna ukuzwa kumelusi wethu, kwabehlukile, u—umlayezo abanawo ezinhliziyweni zabo, walobububusuku. Ngizoba mfishane ngempela, futhi ngizame ukusho into ethize encane.

13 Manje-ke siqala into ethize kulobububusuku, noma into ethize eyenzekayo kulobububusuku, uma uNkulunkulu ethanda, esingakaze siyenze selokhu ngi . . . esikhathini sokuphila kwami. Ngacabanga ngayo nje ngoluny'usuku, futhi ngabiza uMfowethu Neville, futhi wacabanga ukuthi kwakungumbono omuhle kakhulu. Esikhundleni saso sonke isiyaluyalu sokushaya amakhwelo, nokumpompoloza, nokuqhubeka, nokuphuza, nokuphuza kakhulu utshwala ngoNyaka oMusha, nokunye kanjalo, sizoza ealtare bese sithatha isidlo, phakathi nobusuku. Ne . . . Futhi ngamunye wethu, lapho silalele amazwi kulobububusuku, kulababefundisi abehlukene, asihloniphe ngempela.

14 Manje, ngeSonto eledlule ebusuku, ngethula uMlayezo kaKhisimuzi. Ngase-ke ngithi ebandleni, kubantu baseGeorgia nezindawo ezehlukene, "Ningezi," ngoba uzoshaya abantwana babo baphume kuKhisimuzi. Ba . . . Bawubhekile, bangabantwana nje. Futhi ngizonitholela amateyipu. Manje,

nina eningatholanga ukuthi nize, i—iteyipu iyizindleko zami. Yazisani nje uMfowethu Woods nabanye, futhi mina—mina ngizobhekana nakho, bese ngithola iteyipu.

15 Futhi manje, kulobubusuku, ngifuna nje kuqala ukusho lento eyodwa, ngaphambi kokuba ngifunde indikimba yami.

16 Futhi mhlawumbe, ekushumayeleni, sizokwenyuka impela, cishe impela kuze kube phakathi nobusuku. Sizobe-ke sesiya e, cishe ishumi nanhlanu, imizuzu engamashumi amabili ngaphambi kweleshumi nambili, siyaphuma bese sikhipha ikosha, i—iSidlo sakusihlwa seNkosi, iwundlu lephasika. Bese sikubeka phandle lapha, ikosha, bese-ke sibonga kuNkulunkulu, bese sima ealtare, namakhanda ekhotheme nezinhliziyo, bese sithatha isidlo seNkosi. Futhi ngicabanga ukuthi ikamelo ligcwele iziqophi phakathi lapho, kanjalonjalo. Angazi noma si. . . Uthini? Bayobe sebephumile ngalesosikhathi, ngakho asizukudingeka ukuba sishiye ukugezana izinyawo, futhi. Futhi kusasa nguMsombuluko, nabanye babantu, abangaphandle kwedolobha, banenqwaba yesikhathi sokuya ekhaya. Futhi ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzonibusisa manje.

17 Futhi lesi mhlawumbe kuzoba yisikhathi sokugcina engizothola ukuba ngibe nani, ngize ngibuye ngivela eNtshonalanga. Ngiyaphuma ngiya eArizona, mhlampe ngiye eLouisiana kuqala, bese kuthi-ke ngiqhubekela eArizona naseCalifornia. Bese kuthi-ke masinya nje uma sengibuya, ngethemba ukuba nani futhi. Kuze kube yilesosikhathi, khulekani.

18 Angikaze ngilenze uhlu lohambo. Ngikholwa ukuthi ngibona uMfowethu Borders, kulobubusuku, emhlanganweni. Ngithe akanake kulokhu ukusa. Futhi ugcina irekhodi, futhi wethula ibhuku kimi ngoluny'usuku, lazo zonke izinhlobo zezimemo. Kodwa ngandlela-thize, ngalesisikhathi, uMoya oNgcwele wathi kimi, "Hamba uye endaweni eyodwa. Futhi uma usuqedile lapho, Ngizokutshela ukuthi yana kuphi ukusuka lapho." Niyabo, nje uholela phambili ngqo kanjalo, ukuthi kwenziweni ngokulandelayo. Ngakho sifanele ukuthi siseduzane impela emgqeni, uma Eqala ukwenzenjalo, niyabo, nje wazi noma yikuphi lapho umuntu ebizela khona futhi elindile.

19 Akusiso isinqumo somhlangano soNyaka oMusha, ngoba asizenzi; azisizi, niyazephula. Ngibone ubaba wami elahla isigaxana sikagwayi, njalo ngobusuku boNyaka oMusha; ukuba abhekisise ukuthi usilahlephi, ukuze akwazi ukusithola ngakusasa. Niyabo? Futhi leyo cishe yindlela okuhamba ngayo. Asingazenzi izinqumo zomhlangano. Masicele isihawu nomusa, sicele isihawu sikaNkulunkulu.

20 Futhi uma ngingasaphindi ngilithole ithuba, ekunikezeni isidlo, mhlawumbe sengijahile ngalesosikhathi, ngi. . . Lena yinto eyodwa engifisa ukuyenza; esinye sezifiso zami

ngukubona iBandla lingenabala noma lingenambimbi, uMoya oNgcwele o . . . Mfowethu Graham, lokhu bekungukulangazelela kwenhliziyo yami; ukubona iBandla ligcwaliswe kakhulu ngoNkulunkulu, isono size singakwazi ukuhlala kulo noma yikuphi, uMoya kaNkulunkulu usibiza ukuba siphume ngqo, noma ngabe sikuphi. Ngifuna ukubona lokho.

21 Nento eyodwa engiyifisayo, umbono owodwa omkhulu ovela eNkosini ebengifisa njalo ukuba nawo uvela eNkosini, Inginika wona ngokunye ukusa, cishe ngeleshumi nqo ekuseni. Nalokho kwenelisa isifiso sami. Iminyaka ngeminyaka, selokho ngaba ngumfundisi, bengikulangazelela ukukubona lokho, futhi ekugcineni kuyafezeka. Manje ngibonga kakhulu kuNkulunkulu. Angikasho lutho ngakho, nginakho nje kubhalwe phansi. Futhi ngiyazi ukuthi yikho impela nje ebengikucela, ngaso sonke isikhathi.

22 Futhi manje ngiyakhuleka futhi ngethembela kuNkulunkulu. Futhi kulobubusuku, kabusha, nginikela impilo yami kuYe, phezu kwepulpiti laKhe. Ukuthi isifiso esisodwa esikhulu empilweni yami singukuba ngizithobe kakhulu phambi kukaNkulunkulu nangaphambi kwabantu baKhe. Ngazi ukuthi lelo ngelinye lamaphutha ami amakhulu, ngukuba nokusebenzana nomphakathi ngendlela enjalo, kubukeka kaninginingi kuphumile kimi, okwakuvamise ukuba khona. Ngethemba ukuthi uNkulunkulu uzokubuyisela futhi lokho kujabula engake ngaba nakho. Kungesikho ukuthi ngalahlekelwa ukujabula kwami, qhabo; kodwa ngiqonde ukuthi ngidinga okuningi kakhulu kwakho, okuningi kakhulu, okuningi kakhulu ukuzithoba, ukukhonza iNkosi. Lonyaka ozayo, ngethembise uNkulunkulu, uma Ezongivumela ngiphile, anginike impilo nokuqina, ngizozama ukuba yinceku kuNkulunkulu, nokuba ngumfowethu kumuntu, ngayo yonke inhliziyo yami.

UNkulunkulu anibusise manje. Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

23 Njengoba izwe, Baba, lingqangqazela lizungeza inkabazwe, njengoba sitshelwa, manje lizoqala futhi manje libuyela emuva libheke . . . lisuka osukwini olufishane kunazo zonke lonyaka, kuya kolude kunazo zonke. Isikhathi esifishane nje, namakhwelo azobe ekhala, abantu bazobe bememeza kakhulu, izinsimbi zizobe zikhala; nonyaka omdala usuhambile, nonyaka omusha uyavela. Baba, siyaKubonga, ukuthi Usivumele sibone lonyaka ka 1961. Futhi sikhulekela ukuthi Uzosithethelela zonke izono zethu esizenzile wonke lonyaka. Futhi uma bekukhona into eyodwa esiyenzile ebiyinhle, iGama laKho malidunyiswe. Ngokuba kwakungesithi, esingafanele; kodwa kwakunguWe, uMoya oNgcwele okwathi ekugcineni wafuqa indlela yaWo wangena empilweni yethu, phezu kwesimo sethu sobumbuka, futhi wenza into ethize eyadumisa uNkulunkulu. Siyabonga

ukuthi Wakwenza. Baba, besingakhuleka kulobubusuku ukuba Asicindezele asibuyisele eceleni ngaso sonke isikhathi, futhi avumele intando kaNkulunkulu yenziwe ezimpilweni zethu.

24 Futhi, kulobubusuku, njengamabandla angodadewethu, abelusi bawo bahlezi lapha; uMfowethu Graham wakithi, nabazalwane abavela ezingxenyeni ezehlukene zezwe; eUtica, eSellersburg, naseGeorgetown, noma kungaba kuphi. Imiphefumulo eyigugu ibuthene ndawonye ivela kweziningi, ngisho neziFundazwe, kulobubusuku, ukusisiza kulejubili enkulu lapha esiyigubhayo; futhi iguqule isikhathi saya ekuculweni kwamaculo, ukukhuleka umkhuleko, nokulalela iZwi likaNkulunkulu. Gcwalisa yonke inhliziyo. Hlehlisa konke ukungabaza. Susa konke ukwesaba. Susa konke ukukhandleka. Futhi uvumele uMoya oNgcwele ungene ezinhliziyweni zethu, futhi utshale iZwi. Masibe yinsimu iZwi elizokwehlela kuyo, ezothela izithelo onyakeni ozayo. Siphe khona, Nkosi.

25 Ngisize manje, njengoba kuyisikhathi sami, unkatho ludla mina ngalesisikhathi, ukuba ngikhulume. Ngikhulekela ukuthi Uzogcoba amazwi elishiwoyo. Futhi kwangathi angaphuma ephansi kogcobo lukaMoya oNgcwele, nokubheka amathemba, Nkosi, ukuletha abantu, ongakwazi Wena, kuWe; nalabo abalapho, kwangathi bangaba nokukholwa okunye okuningi, ukukhonza Wena. Siphe khona, Nkosi. Futhi siza iphimbo lami, futhi nginokugodola okubi, futhi ngikhathele ngoMlayezo wamahora amane kulokhu ukusa, ngikhulekela ukuthi Uzongisiza. Sisize sonke, futhi usifake esimweni manje senkonzo ezayo nesidlo.

26 Busisa lelibandla nomelusi walo, uMfowethu Neville wethu, abaphatheli balo nabadikoni balo, futhi kwangathi bangakhonza ngobukhulu ubuqhawe ngalonyaka kunanoma yisiphi isikhathi ngaphambili. NgiyaKubonga ngenkonzo yabo nangobuqhawe babo. Ukuthi bama kanjani eduze kwami ngenkathi ngidinga umuntu ukuba ame ngakimi! UMfowethu Neville noMfowethu Roy Roberson, nabo bonke abazalwane abayigugu abama eduze kwethu ngezikhathi zenkathazo, futhi, phansi kokuhola kukaMoya oNgcwele, benza izinqumo ngokwedlula konke abaziyo ukuthi ziba kanjani. Nezinqumo abazenzile, sifakazelwe ukuthi sisentandweni yaKho, ngokuba Uzibusisile izinqumo zabo. Nkulunkulu, qhubeka nokuthi ube nabo. Sisize sonke, kanyekanye manje. Sicela eGameni likaJesu. Amen.

27 Manje, kinina enithatha izindikimba; futhi ngethemba ukuthi nizobe ningikhulekela. Futhi okwemizuzwana embalwa, ngithanda ukuba ke ninake ingxenye yomBhalo otholakala eNcwadini yabaHluleli, esahlukweni 6, siqale evesini 7. Ngingathanda ukuba nilalele ngokuthula, futhi nilalele iZwi.

28 Niyangizwa ngemuva, kukahle na? Phakamisani izandla zenu, uma ningizwa. Kuhle. Futhi uma bebhekisisa, noma ngabe ngubani owenza ubunjiniyela balombhobho, nizobhekisisa ukuthi uyaqhubeka. Ngabe amateyipu ayangena na?

29 AbaHluleli, isahluko 6, ivesi 7. Manje lalelisisani, ngoba ngizothathisela kulokhu emizuzwaneni embalwa.

> *Kwathi lapho abantwana bakwaIsrayeli besakhala eNKOSINI ngenxa yakaMidiyani*
>
> *INKOSI yathuma umprofethi kubantwana bakwaIsrayeli yathi kubo, Isho kanje iNKOSI uNkulunkulu kaIsrayeli uthi, Ngakukhuphula* ngakukhipha *eGibhithe ngakukhipha endlini yobugqila;*
>
> *Nganophula* ezandleni *sabaseGibhithe, nase* zandleni *sabo bonke abanicindezelayo ngabaxosha phambi kwenu, nganinika izwe labo;*
>
> *Ngathi kini, NgiyiNKOSI uNkulunkulu wenu; aniyikwesaba onkulunkulu bama-Amori, enihlala ezweni lawo: kepha kanililalelanga izwi lami.*
>
> *Kwafika ingelosi yeNKOSI, yahlala phansi kweoki laseOfira likaJowashi umAbiyezeri: indodana yakhe uGideyoni yayibhula ukolweni esikhamweni sewayini, ukuba amthukusele abakwaMidiyani.*
>
> *Ingelosi yeNKOSI yabonakala kuye yathi kuye, iNKOSI inawe, wena qhawe elinamandla.*
>
> *UGideyoni wathi kuyo, O, nkosi yami, uma iNkosi inathi, konke lokhu kusehlele ngani na? ziphi izimangaliso zakhe zonke, abasitshela ngazo obaba, bathi, iNKOSI ayisikhuphulanga eGibhithe na? kepha manje iNKOSI isilahlile, yasinikela ezandleni zakwaMidiyani.*
>
> *INKOSI yambheka, yathi, Hamba ngalawamandla akho, umsindise uIsrayeli* ezandleni *sakwaMidiyani: angikuthumanga na?*

30 Uma kuthokozisa kanjalo kuNkulunkulu, ngifisa ukuthatha indikimba lapho, phezu, ngikholwa ukuthi i. . .cishe ivesi 14, lapho Elithi khona, *Uma UNkulunkulu Enathi, Pho Ziphi Zonke IziMangaliso na?*

Manje, sonke sibejwayele abaHluleli, bakwaIsrayeli.

31 Nokuthi babewenze kanjani amaIsrayeli; amaFilisti, abakwaMidiyani, ama-Amori, nabo bonke abehlukene babengene njengesikhonyane futhi nje sidla lokho ababenakho, futhi bakuthathe bakukhiphe, futhi baqhubeke. Kodwa, nike naqaphela, babengenakukwenza lokho uIsrayeli kuqala waze wawa kuNkulunkulu.

32 UDeveli ngeke alubeka unyawo phezu kwakho, ukuba akulimaze, uze kuqala usuke kuNkulunkulu. Ufanele kuqala ukukhumbule lokho. Hlola uma kwenzeka noma yini, ubone ukuthi ukukho yini ukuKholwa, noma qha, ubone ukuthi ngabe ulungile kuze kufike endaweni noNkulunkulu; manje-ke, khumbulani, uDeveli ngeke akulimaza, ukuKristu.

33 Nalendawo lapha, besisanda kusuka e . . . Iminyaka embalwa ngaphambi kwalokhu, kwakukade kungabaprofethikazi, uDebora; noBaraki. Nokuthi wayeprofethe kanjani futhi wabatshela ukuthi akwenziweni, futhi kwakuyikho impela nje; uBaraki, iqhawe elikhulu; nokuthi balenza kanjani iculo, lokunqoba phezu kwesitha. Kodwa kwathi nje bangaphuma ekuthandeleni, babuyela baqonda ngqo bayongena esiseleni futhi.

34 Uma leso kungesiso isithombe sebandla namhlanje! Lithi nje lingaphuma ekuthandeleni okukodwa, lihamba liyongena ngqo kokunye. Kodwa isikhathi sasesifikile somnyakazo. Futhi lokho kuyafana manje, isikhathi sesifikile somnyakazo. Isikhathi sasesifikile, lapho ukudlala isonto kwase kufike ekumisweni, noNkulunkulu. Akusekho ukudlala isonto. Sifanele sehlele emsebenzini. Futhi ngethemba ukuthi lowoNkulunkulu ofanayo uzokubeka lokhu phezu kwenhliziyo yabantu kulobubusuku, ukuthi sekuyisikhathi esesifike ekumisweni kokudlala isonto, ukudlala inkolo, ukudlala ukulunga, futhi manje yisikhathi somnyakazo.

35 Njengoba bengikhuluma kulokhu ukusa phezu kwendaba yokuthi ukuZalwa okusha kwakuyini, nokuthi siza kanjani kukho, impela lokho kusazika enhliziyweni yenu. Manje isikhathi sesifikile ukusebenzela phezu kwalokho okwazi ngokuthi kuyiQiniso. Ungeke wasebenza ngokukholwa uze kuqala wazi ukuthi wenzani. Ufanele kuqala wazi ukuthi wenzani, ngaphambi kokuba ube nokukholwa kokuba ukwenze.

36 Omunye wake wathi kimi, udokotela odumile, wayekhuluma ngesimangaliso esasenzeke phakathi . . . umuntu ogulayo. Wayesethi kimi, "Mshumayeli, awukholwa yini, uma watshela labobantu ukuba baphume bese bethinta isihlahla noma isigxobo, into efanayo yayizokwenzeka na?"

37 Ngathi, "Qhabo, mnumzane." Ngathi, "Ngoba ngeke waba nokukholwa, ekuthinteni isihlahla noma isigxobo."

38 Ukukholwa akuxegi kangako. Kufanele kwesekeleke phezu kweqiniso elithize elazekayo. Ufanele wazi into ethize ngalokho onokukholwa kukho, ngaphambi kokuba ube nokukholwa kukho. Ngakho kuqala sifanele sazi ukuthi *kanjani* nokuthi *ini*, ukuthi siyini isifiso sikaNkulunkulu, ukuthi liyini icebo likaNkulunkulu, nokuthi kusondelwa kanjani kuNkulunkulu ngalelocebo. Khona-ke singahamba senyuke ngesibindi siye

eSihlalweni sobukhosi soMusa, nokunxusa ukuthi yiliphi icebo esithenjiswe lona.

39 Manje, babekade bedlala isonto. Bathi nje bangaphuma ekusontekeni okukodwa . . . UNkulunkulu wabakhulula. Kwase kuthi, esikhundleni ngempela sokuqhubekela phambili futhi bekhonza uNkulunkulu, bebona isandla saKhe esinamandla, basonteka babuyela ngqo emuva baphuma bangena ezintweni zezwe futhi. Futhi ngakho isikhathi sasesifikile, ngenkathi, uNkulunkulu ebiza ukuthi kumiwe. Futhi kufanele kube ngaleyondlela.

40 Futhi ngicabanga ukuthi sekuyisikhathi sokuthi kubizwe ukuthi kumiswe manje. Sisonte iZwi likaNkulunkulu, ukuba lifanele yonke inhlangano ekhona ezweni. Lonke icebo umuntu acebe ukuthi alenze. Sisonte iZwi ukuLenza nga *le* ndlela, futhi sasonta iZwi ukuLenza nga *leyo* ndlela, futhi saLithandela ngenye indlela yokuLenza lifanele icebo. Kodwa isikhathi siyeza, ukumisa, yekani ukudlala kwenu isonto. Isikhathi sesifikile lapho abantu ethi, "Uma nje ungathola uMoya owenele, ukusina eMoyeni; uma ungathola okwenele, ukubona izinkanyiso phambi kwamehlo akho; noma ukuqubuka kwemizwa ukuba kwehle ngomhlane wakho, noma ukuvevezela okuthize, ukuqhaqhazela okuthize, amadlingozi athize; usunaWo!" Unokuthize; kodwa, ngeke nje ngasho ukuthi ubunakho, ngize ngibone ukuthi nhloboni yesithelo esimilileyo.

41 Njengoba sedlulile kukho, kulokhu ukusa, ungeke walindela ukuba ingane izalwe iyindoda. Ifanele ikhulele kukho. Futhi siyakhula kuKristu, siye emumweni ogcwele. Into . . . Hhayi umuntu ophenduka kulobubusuku, futhi kusasa useyoshumayela iVangeli. Sikhulela ebudodeni, emumweni kaKristu.

42 Manje, sithola ukuthi uma abantu bakaNkulunkulu engena enkathazweni, uNkulunkulu njalo ubathumela umprofethi oneZwi leqiniso, ukuba abakhiphe. Asikaze sibekhona isikhathi abantu bakaNkulunkulu abake angene enkathazweni, uNkulunkulu angabathumeli iZwi laKhe. Futhi iZwi laKhe, njengoba sibenakho kulokhu ukusa, liza kubaprofethi. Nokuthi ukuhlola kanjani, ngukuthola ukuthi ngabe kuhambisana neZwi yini. Uma kuhambisana neZwi, khona-ke iZwi likaNkulunkulu liba ngeliphilayo.

43 Manje abaningi bangahle bathi, "*Lona* ngumprofethi webandla lethu." "*Lona* ngumprofethi webandla lethu." Futhi bobabili, bephikisana, omunye komunye, kukhona into engalungile.

44 Sonke sifanele sikhulume into efanayo. Manje-ke sifanele sikhulume, hhayi ngokuphikisana, kodwa ncamashi kube naleliZwi. Uhlolwa kanjalo-ke umprofethi weqiniso, noma ngabe unalo yini iZwi. IBhayibheli lathi, "Uma ubufakazi babo

bungahambisani nomthetho nabaprofethi, akukho kuKhanya kubo." Kunjalo. Kufanele kuhambisane neZwi.

45 Futhi uNkulunkulu njalo, ndawo zonke, uthumela abantu inceku yeqiniso, umprofethi weqiniso ozoletha iZwi likaNkulunkulu leqiniso. NeZwi likaNkulunkulu liyilokho okukhulula abantu, njalo.

46 Manje, ukuba besingabuyela emuva futhi sifunde ivesi 7 kuya kwele 10, siyathola, phakathi lapho, kulelivesi 7 kuya kwele 10, ukuthi uIsrayeli wayefulathele uNkulunkulu, futhi wayesebuyele emuva wangena ezweni futhi. Futhi lapho, ongaveli ndawo, akanikezi ngisho igama lakhe. Angiboni ukuthi umprofethi wayelikhathalele igama lakhe. Wayekhathalele into eyodwa; uNkulunkulu wayemgcobile! Akenzanga mehluko noma ngabe wayethathwa ngokuthi ungomunye wamahlelo abo, noma enye into, noma ngabe wayengumbhishobhi noma umbhishobhi omkhulu. Into kuphela ayeyikhathalele, kwakuyilowomlayezo osenhliziyweni yakhe. Futhi wabiza abantu babuyele ekuphendukeni, nokuqonda ukuthi uNkulunkulu wabo wayenguNkulunkulu wamandla noNkulunkulu wokukhulula, uNkulunkulu wezimangaliso, owabahlwitha ezandleni zabaseGibhithe, wavula uLwandle oluBomvu, futhi wabapha ukudla ehlane, noNkulunkulu wamandla Owayekwazi ukuthatha izwe komunye umuntu futhi alinike bona. Amen! Lowo kwakungumprofethi weqiniso. Wayegcotshiwe, futhi wayeyiPhimbo likaNkulunkulu kulabobantu. Wakhuluma, ukuthi kufanele kube njalo, ngoba babesenkathazweni.

47 Laba bakwaMidiyani, nama-Amori, kanjalonjalo, bonke babewelile futhi balidla lonke izwe labo. Futhi ngakho isitha sasiphose inselelo, futhi kufanele kuditshanwe naso! Izimpi zabo zazingenakukwenza, nabapristi babo babengenakukwenza, namabandla abo ayengenakukwenza. Ngakho, kwathatha iZwi likaNkulunkulu, ukuhlangabezana nenselelo yaso.

48 Isitha siyakhuluma namhlanje. Isitha sizama ukusho ukuthi, "Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ukuthi, ayikho into okuthiwa kungumbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Futhi Lokhu kungamadlingozi kuphela. Kuyinto kuphela yokusetshenzwa." Ngakho, isitha siphose inselelo, nenselelo yaso kufanele kuditshanwe nayo! Indlela kuphela esingadibana ngayo nenselelo yosuku, uma amahlelo ebiza abantu abaqhelise futhi—futhi abafake ku *le* nhlangano, *leyo* nhlangano; badedele labo besifazane bagunde izinwele zabo futhi bapende ubuso; nesilisa sazo zonke izinhlobo zezimpilo, bahlale njengabaphatheli nabadikoni; nabelusi ebandleni, ngoba banePh.D. ethize noma iL.L.D. iyisidingakalo. UJesu akazange adinge ukuba umuntu abe nalokho.

49 Isidingakalo sikaJesu sasingukuthi, "Lindani emzini waseJerusalema nize nembathiswe Amandla avela Phezulu, ningufakazi kiMi." Lokho kudibana nenselelo yaso. Lokho kudibana nenselelo yesitha. Lokho kwadibana ngalolosuku. Kuzodibana nayo ngalolusuku.

50 Manje ngifuna niqaphele. Kwele 7 kuya kwele 10, sibona umprofethi eza. Kusukela kwelo 1 kuya kwele 7, sibona abantu bewa. Bese kuthi kusukela kwele 7 kuya kwele 10, sibona umprofethi eza futhi enikeza abantu ikhambi. Qaphelani, asazi ukuthi uvelaphi; akazange asho ukuthi kwakukhona umuntu, umFarisi, owayekade engumpristi isikhashana. Akulivezi neze imuva lakhe. Labobaprofethi, bavuka endaweni engekho!

51 Bukani uElija. UElija waba ngowokugcina, nowesithupha, wabaprofethi abakhulu, wabaprofethi abanamandla. Esikwaziyo ngemuva lakhe akulutho. Asazi ukuthi yisiphi isikole afunda kuso. Asazi ukuthi hlobo luni lomndeni ayephuma kulo. Into kuphela esiyaziyo, ukuthi, uNkulunkulu wayenaye! Futhi uyavela, futhi wahamba nje cishe njengemfihlakalo njengoba evela. Uvela endle engaphumi ndawo, futhi wabuyela endle, futhi wahlwithwa esenqoleni yomoya ovunguzayo, futhi wakhushulelwa emaZulwini, noMlilo. Ufika ngokuyimfihlakalo, futhi wahamba ngokuyimfihlakalo. Wayengenamuva lesayense yezenkolo. Asazi ukuthi uvelaphi, ukuthi kwakungubani uyise, ukuthi kwakungubani unina, ukuthi kwakungobani abafowabo nodadewabo. Into kuphela esiyaziyo, wayengumuntu kaNkulunkulu. UNkulunkulu engamthathi ndawo, futhi wamsebenzisa, wayembuyisela Ndawondawo, eBukhoneni baKhe. Wayengumuntu kaNkulunkulu.

52 Futhi nakhu kuphuma umprofethi, walelohora, wayesebanika iZwi leNkosi. Khumbulani, Ayizange ibanike isayense yezenkolo eyenziwe ngumuntu. Yathi, "NgiyiNkosi eyanikhipha eGibhithe, ngakhombisa isandla saMi esinamandla, ngakhombisa Amandla aMi." Sengathi ngiyabona uGideyoni wayehlezi khona lapho eyilalele! "NginguNkulunkulu owenza lezizinto. Futhi Ngikwenzele nina konke lokhu, futhi nokho anilalelanga imiyalo yaMi. Kukho konke lokhu, anikwenzanga."

53 Manje ngifuna niqaphele enye into engahle inikhuthaze. Masinya emva komlayezo walowomprofethi, iNkosi yabonakala enkundleni. Amen! Kwathi nje anganikeza umlayezo wakhe, iNkosi yabonakala phansi komuthi. INkosi yafika, emva komlayezo womprofethi, ihlezi phansi komuthi. Umprofethi wanikeza . . . Abantu bawa, bachezuka bangena ezimfundisweni zabo ezigqamileyo. UNkulunkulu wathumela umprofethi waKhe. Kwathi nje umprofethi angaqeda ngomlayezo wakhe, iNkosi yalandela umlayezo womprofethi, wokukhululwa.

54 O, siphila esikhathini esihle kakhulu! Masinya nje ngenkathi umprofethi esesuke enkundleni, kwenzekani na? INkosi yafika enkundleni! Kwathi uJohane angasuka enkundleni, iNkosi yafika enkundleni! Kuxakile impela ukuthi uNkulunkulu usebenza kanjani, kodwa Uyakwenza, usebenza ngendlela eyimfihlakalo.

55 Sifunda umBhalo lapha, lapho uGideyoni, esaba, ephandle ngasesikhamweni sewayini, ebhula ukolo owenele, ngaphambi kokuthi amaFilisti noma abakwaMidiyani bamthole. Yena noyise, bephandle lapho bethola ukudla kwabo okuphandiweyo kube ngukudla kwabo kwasebusika, bekubhula, ngemfihlo, ukuze bangabatholi. Isizathu, bangena njengezintethe, futhi bathatha konke ababenakho.

56 Wenza ngaleyondlela-ke uDeveli. Sithola ibandla elincane seliqalile, yonke into ihamba kahle, (bangaki abashumayeli abangaziyo ukuthi lokhu kuyiqiniso na?) cishe nje ngesikhathi yonke into ihambisana kahle, omunye umkhohlisi omdala uyofika ngqo phakathi kwaleloqembu futhi alidabule libe yizicucu. Kunjalo, ahlwithe ibandla endodeni ngqo, uma engakwenza. Niyabo, lowo nguDeveli, angene njengezintethe futhi akhiphe lokho obekunikeziwe. Manje uma . . .

57 UGideyoni ngempela wayeyindoda yomBhalo. Ngenkathi iNgelosi yeNkosi ithi kuye . . .

58 Futhi uma niqaphela, kwakungesiyo iNgelosi yeNkosi lapha. Kwathi, "NeNkosi," igama elikhulu N-k-o-s-i. Kwakungesiyo iNgelosi. KwakunguNkulunkulu. Kwa—kwakungumzimba-moya ukumuntu, esimweni sikaNkulunkulu, njengoba wabonakala kuAbrahama emva ehlane, futhi wawubukeka njengomuntu. Ngakho ngakho-ke, eyisiThunywa, WayeyiNgelosi yeNkosi.

59 Futhi Yabonakala kuye. Yayisithi, "Wena-qhawe elinamandla," yathi Uzohamba amthathe, bese ekhulula uIsrayeli ngaye.

60 NoGideyoni wabuza lowombuzo. Kwakungumuntu womBhalo ngempela lowo! Yilolohlobo lomuntu uNkulunkulu eza kulo, umuntu owaziyo. UGideyoni wathi, "Uma uNkulunkulu enathi, uma UyisiThunywa, pho ziphi izimangaliso umprofethi asitshela ngazo na?" Wayazi, ndawo zonke uNkulunkulu ayehamba kuzo, izimangaliso zaKhe zaziMlandela. Wayazi ukuthi noma yikuphi lapho uNkulunkulu ayeba khona, izimangaliso zaziba khona.

61 Futhi ungamlindela kanjani uNkulunkulu, namhlanje, ukuba asebenze phakathi kwabantu ongakholelwa ngisho ezimangalisweni na? Kungenzeka kanjani na?

62 Futhi Yambiza ngokuthi "iqhawe elinamandla." Yathi, "Manje, ngalokhu, uzokhulula uIsrayeli."

63 Manje, lokho kwakubukeka kunjengomuntu ehlezi lapho, futhi kwakunguMuntu. Futhi waMbuka, wayesethi, "Qhabo, Nkosi yami, uma uNkulunkulu enathi, pho kungani yonke lenkathazo iphezu kwethu na? Futhi ziphi izimangaliso esitshelwa ngazo na? Ziphi izinto uNkulunkulu ayevamise ukuzenza na?"

64 Manje kukhona indlela enhle yokwethemba ukuthi ngabe isithunywa siqinisile yini, noma qha. Uma enesimo sokumesaba uNkulunkulu, uyowaphika lawoMandla ukwenza lezozinto. Uma eyisithunywa esivela kuNkulunkulu, akayikukhuluma ngakho kuphela, kodwa uyoba nakho; ukuba akuveze, nokukhombisa ukuthi uNkulunkulu akhuluma ngaye unaye futhi ukuye.

65 Wathi, "Uma uNkulunkulu enathi, kuphi konke okwezimangaliso zaKhe ezinamandla na? Isizathu, siyaqonda . . . " Lalelani ukuthi uGideyoni wayehambisana kanjani nomBhalo. Ngeny'indlela, wathi, "Uma . . . Siyaqonda ukuthi uNkulunkulu unguNkulunkulu omkhulu wemisebenzi emikhulu. UnguNkulunkulu omkhulu wezimangaliso. Futhi uma Engakithi, futhi uma Enathi, futhi nguYena izolo, namuhla naphakade, ngingazibonaphi izimangaliso zaKhe na? Ngingambonaphi loNkulunkulu esemnyakazweni na? Ukuphi, uma Engakithi na?"

66 Iqhawe elinamandla lalingathathisela emuva eZwini elidala, futhi lazi ukuthi Liqinisile, ngoba liyakwazi lokhu, ukuthi, uNkulunkulu unguBukhona obungaphezu kwemvelo. Futhi noma yikuphi lapho uBukhona obungaphezu kwemvelo bukhona, Uyokwenza izibonakaliso ezingaphezu kwemvelo, ngoba ukuba ngaphezu kwemvelo kukuYe. Ungeke nje waphuma kukho.

67 Ungama kanjani ebusweni bomoya, ungenawo umoya ovunguzayo na? Ungangena kanjani emanzini, ungabi manzi na? Amanzi amanzi. Lokho ngukwakheka kwawo. Amanzi! Futhi uma ungena emanzini, uzoba manzi. Kunjalo!

68 Futhi uma ungena eBukhoneni bukaNkulunkulu, okungaphezu kwemvelo, kuzobakhona izibonakaliso zokungaphezu kwemvelo nokusebenza okungaphezu kwemvelo kukaNkulunkulu ongaphezu kwemvelo.

69 Ngakho-ke, wathi, "Kuphi ukusebenza, ziphi izimangaliso, uma uNkulunkulu enathi na?"

70 Udumo! [UMfowethu Branham ushaya ihlombe, kane—Umhl.] Yilokho-ke! Niyabo, lapho uNkulunkulu ekhona, izimangaliso zikhona. Lapho uNkulunkulu ekhona, isibonakaliso sikaNkulunkulu silapho. Niyabo?

71 Futhi uGideyoni, engokomBhalo impela, wathi, "Ziphi lezizinto na?" Ngamany'amazwi, kanje, "Ngiyindoda, mhlawumbe enamashumi amahlanu ubudala," ubezothi.

"Futhi ngibezwile bekhuluma ngoNkulunkulu owayesebenza izimangaliso. Futhi ngiyile endlini yokukhonzela, futhi ngibakholiwe abapristi. Futhi ngiyabakholwa abaprofethi. Futhi ngiyalikholwa iZwi elilotshiwe, yonke imibhalo egoqwayo. Futhi ngiyafunda emibhalweni egoqwayo lapho, uNkulunkulu, uma Efika phakathi kwabantu baKhe, kukhona okwenzekile." NoGideyoni wayengazi ngaphandle kokuthi kwakuyini leyo umuntu ehlezi phansi kwalomuthi womoki. Amen! Yilokho kuphela ayekwazi, Yayingumuntu. Wathi, "Manje, uma uNkulunkulu enathi, zikuphi izimangaliso zaKhe na? Sifuna ukuzibona."

72 Lokho kungokomBhalo impela! Ngokuba, lapho okukhona okungaphezu kwemvelo, uNkulunkulu nesibonakaliso saKhe siyoba naYe. Lapho uNkulunkulu ekhona, isibonakaliso sikaNkulunkulu sinoNkulunkulu. Siyakwazi lokho. Uma Ekubantu baKhe, bayokwenza izibonakaliso zaKhe. Impela nje.

73 Lowo kwakungumbuzo uGideyoni ayenawo, "Ya, uphi uNkulunkulu na? Uma ekhona uNkulunkulu, uma ekhona uNkulunkulu enathi, angibone-ke lapho isibonakaliso saKhe sikhona. Sishilo ukuthi Uyazenza. Futhi uma lomsebenzi engiwunikiwe obekwe phambi kwami . . . "

74 Mhlawumbe iKhehla limi lapho, Yayibukeka njengeKhehla. IBhayibheli lathi Yayiphethe intonga esandleni saYo. Funda uqhubeke, isahluko 6, uma usuya ekhaya, noma kusasa ngesinye isikhathi.

75 Yayiphethe intonga isesandleni saYo; iKhehla, ibukeka njengalo, ihlezi phansi komuthi. Yayisimbiza ngokuthi, "iqhawe elinamandla." Futhi Yathi uNkulunkulu wayezoyenza lento. Futhi Yathi, "UNkulunkulu unawe."

76 Wathi, "Pho ziphi izimangaliso zaKhe na? Uma uNkulunkulu ongaphezu kwemvelo elapha, iphi imisebenzi kaNkulunkulu engaphezu kwemvelo na?"

77 Lokho bekungashiwo kalula kulobubusuku phakathi kwamabandla ethu. "Uphi lowoNkulunkulu owake waphila na? Ngabe Wafa na? Ngabe Uhambile na? Ngabe Uyachezuka na? Ngabe Usohambweni na?" Qhabo, mnumzane.

78 Nguyena izolo, namuhla, naphakade. Futhi uma sithi singabakaNkulunkulu, ngakho-ke asibone ukuthi uNkulunkulu ukuphi. Asibone izibonakaliso zikaNkulunkulu. Uma leliTabernakele limele uNkulunkulu, asibone uNkulunkulu ehamba phakathi kwethu. Asibone imiphefumulo izalwa eMbusweni. Asibone izimpilo ziqondiswa. Asibone abagulayo, nempumputhe, isithulu, asibone imisebenzi yaKhe yamandla yenziwa. UNkulunkulu ephakathi kwethu!

79 "Uma uNkulunkulu engakithi, zikuphi izimangaliso zaKhe na?" Wabuza umbuzo.

80 Manje, uma uNkulunkulu enabantu baKhe, futhi ekubantu baKhe, angeke a . . . lowomuntu akukho angakwenza ngaphandle kokuthi enze into efanayo neyenziwa nguNkulunkulu. Ngoba, akusesuye umuntu, nguNkulunkulu endodeni. Uma leyondoda yona, khona-ke uNkulunkulu akekho phakathi lapho. Uma ithanda izwe, khona-ke uNkulunkulu akekho phakathi lapho. Futhi siyazi ukuthi uNkulunkulu akasebenzisani nesono. Manje ngizoninika umBhalo walokhu, emzuzwaneni nje.

81 UJesu, ngenkathi esesemhlabeni, wabuzwa umbuzo ofanayo. Babefuna ukwazi, “Wena, unguMuntu, futhi Uzenza uNkulunkulu na?”

82 Ngenkathi Ephilise umuntu owayefe uhlangothi, Wathi, “Izono zakho uthethelelwe zona.”

83 Wathi, “Manje awulinde umzuzu! Wena, unguMuntu, futhi uthethelela izono na?”

84 Wathi, “Ukuze wazi ukuthi iNdodana yomuntu inamandla emhlabeni, ukuthethelela izono noma iphilise; yikuphi okulula kakhulu ukuthi, ‘Thabatha uhlaka lwakho uhambe,’ noma—noma uthi, ‘Izono zakho uthethelelwe zona’?” Wayese-ke ekhuluma kumuntu, futhi wasukuma wasuka wahamba.

NabaFarisi baMbuza.

85 NoJesu wathi, “Uma ningaNgikholwa, kholwani izibonakaliso eNgizenzayo.” Niyabo, batshelwa ukuthi kuyobakhona umProfethi, njengoMose, ovukayo, futhi Uyoba nguMesiya. Futhi Wathi, “Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba waMi, khona-ke ningaNgikholwa; Nginephutha. Kodwa uma ngenza imisebenzi kaBaba waMi, futhi ningaNgikholwa, khona-ke kholwani imisebenzi. Yenzani imisebenzi na? Iyanitshela ukuthi Ngingubani. Ifakaza ngaMi. Ingufakazi waMi. Hhayi izincwadi zaMi ezingichazayo, ukuthi ngisonta ebandleni iPresbyterian, noma iPentecostal, ngingalikhombisa ikhadi laMi lokuhlanganyela; kodwa imisebenzi eNgiyenzayo, izibonakaliso zikaNkulunkulu, izibonakaliso zikaMesiya, yizona ezifakaza ngaMi.”

86 UJesu wathi, kuJohane oNgc. 14:12, uma ubuzowubhala phansi umBhalo, uJohane oNgc. 14:12, “Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza.” Amen!

87 Kuyini, bazalwane na? Uma uNkulunkulu engakithi, ziphi izimangaliso zaKhe na? Uma uNkulunkulu ekithi, yin’indaba pho ngathi-ke na? Kukhona okungalungile ndawo ndawo! Yebo.

88 UJesu wathi, “Uma ningenakuNgikholwa, eNgikushoyo; bhekisisani ukuthi yini efakaza ngaMi, ngoba yiyo ofakaza ngaMi. INkosi uNkulunkulu wenu yathi, ‘Kuyobakhona umprofethi ovukayo onjengoMose. Futhi yilowo nalowo ongayikumuzwa lomProfethi, uyakunqunywa phakathi

kwabantu.' UMesiya wayezoba nesibonakaliso esiMlandelayo. Futhi uma lesosibonakaliso sikaMesiya singaNgilandeli," kwasho uJesu, ngamazwi amaningi kakhulu, "khona-ke ningaNgikholwa. Kodwa uma isibonakaliso sikaMesiya sifakaza ngaMi, khona-ke kholwani yisibonakaliso. Isizathu, uma nicabanga ukuthi Nginephutha, isibonakaliso siqinisile ngoba singokomBhalo." Haleluya!

89 Yilapho uGideyoni ayefuna ukufinyelela khona. Yilapho uGideyoni ayemi khona. "O, uma kukhona uNkulunkulu onathi, sifuna ukubona isibonakaliso ukuthi UnguNkulunkulu, ukuthi UnguNkulunkulu ofanayo, ngoba Uzokwenza izibonakaliso ezifanayo." Wenzani uNkulunkulu na?

90 UGideyoni wathi, "Linda, futhi ngizohamba ngiyolanda omunye, umnikelo." Futhi waphuma futhi wabulala inkomazi, noma iwundlu, wayeselibilisa. Waletha isinkwa waletha newundlu, wayesekubeka phansi.

91 Futhi iNgelosi yathi, "Ngizolinda lapha." Vivinya izinto zonke. Kuhlole ngeZwi. Yayisithi, "Ngizolinda lapha," mhlawumbe amahora amabili noma amathathu.

92 UGideyoni ufika nomhluzi nesinkwa, nanenyama. NeNgelosi yathi, "Manje uzoqonda ngalokhu. Lokhu kuzokufakazela."

93 Wawuthululela emhlabathini umhluzi, ube umnikelo wokuphuza. Wayesethatha isinkwa nenyama, wayesekubeka phezu kwedwala ayebhulela kulo.

94 Yayisithatha induku esandleni saYo, njengeKhehla, intonga, yayisikuthinta. Futhi lapho Ikuthinta, kwaphuma intuthu, nomhlatshelo waqedwa wonke. Kwakuyini na? Yamthatha yambuyisela emBhalweni, ukufakazisa ukuthi Yayiyini, uNkulunkulu ofanayo owayenoElija eNtabeni iKameli!

95 Yena Lowo ofanayo engikhulume ngaye kulokhu ukusa! Uma ubeka umphefumulo wakho phezu kwe altare laKhe lethusi lokwahlulelwa, kwenzekani na? Uma EnguNkulunkulu ofanayo, Uyowuthatha umhlatshelo! Uwunikele ngobuqotho phezu kwe altare laKhe, Uyowuqeda lowomhlatshelo, nezwe liyophuma kuwe. Intuthu nje iyoyekwa. Umhlatshelo uyophela. Yebo.

96 "Uma UnguNkulunkulu, futhi UnguNkulunkulu weBhayibheli, obaba bethu abashoyo ukuthi wenza izimangaliso, angiKubone wenza isimangaliso, noma angibone olunye uhlobo lwesimangaliso, ukuthi ngazi ukuthi uNkulunkulu udibane nami."

97 Manje mangisho lokhu. Uma uNkulunkulu esalokhu enguNkulunkulu, uma uNkulunkulu enguNkulunkulu ofanayo Ayenguye ezinsukwini ezedlulayo, awudingi ukwenyuka bese uxhawulana nomshumayeli, awudingi ukwenyuka ufake igama lakho ebhukwini. Lezozinto zilungile; akukho okumelene nakho.

Bese-ke ubuyela emuva bese uba yilunga lebandla, negama lakho lisebhukwini; bese bekunika incwadi, bese uyayiphatha. Kuthi nje kungabakhona into eyiphutha lapho, uqhuma sengathi angazi ukuthi yini, bese ukuthatha ukwedlulisele ebandleni elilandelayo. Futhi kuthi nje kungabakhona into engalungile lapho, uzobe-ke usukuthatha ukuyisa ebandleni elilandelayo. Niyabo, awukakwenzi okufaneleyo endaweni yokuqala. Uma uNkulunkulu esalokhu enguNkulunkulu, beka umphefumulo wakho onesono e altare laKhe, futhi Uzowuthinta ngeZwi laKhe naMandla aKhe. Nezwe liyosuka kuwe, khona-ke uyoba yisidalwa esisha, uma Esalokhu enguNkulunkulu.

98 WayenguNkulunkulu weTestamente eLidala. WayenguNkulunkulu weTestamente eLisha. UnguNkulunkulu ofanayo namhlanje. "Izolo, namuhla, naphakade."

99 Futhi uyazi-ke, phansi enhliziyweni yakho, ukuthi umsebenzi ongaphezu kwemvelo wenziwe nguBukhona obungaphezu kwemvelo. Uma wake waphuza, futhi wabhema, futhi waqamba amanga; nani besifazane nathanda izwe kakhulu kangaka, naqhubeka nokupenda ubuso, nezenu ezinde . . . noma izinwele ezimfishane, futhi nenza izinto enanizenza; futhi nithole ukuthi kukhona okwenzekayo, ukuthi bonke odeveli esihogweni bebengeke besanenza nikwenze futhi. Kukhona okwenzekile, uNkulunkulu wezimangaliso uzenzile!

100 Wenzani na? Waguqula inhliziyo yakho embi, waguqula izifiso zakho, waguqula imvelo yakho. IZwi elingaphezu kwemvelo, ngoNkulunkulu ongaphezu kwemvelo, wenza isidalwa sesikhathi saba yisidalwa sePhakade. Amen! Wakhipha izwe kuwe, wayesefaka uKristu kuwe, ithemba leNkazimulo. Futhi ugcwaliswe ngoMoya waKhe, futhi usulungele ukudibana naYe.

101 Uma uNkulunkulu enguNkulunkulu; ziphi izimangaliso zaKhe na? uma uNkulunkulu engakithi, ziphi izimangaliso zaKhe na?

102 Uma uNkulunkulu esebandleni lamaMethodisti, yingani bonke abesifazane besalokhu benezinwele eziphunguliwe na? Uma uNkulunkulu enebandle leBaptisti, pho kungani umelusi esalokhu ebhema osikilidi, abaningi babo na? Kungani besalokhu bewaphika Amandla ka—kaNkulunkulu, ukuphilisa abagulayo, nokuvusa abafileyo, nokukhuluma ngezilimi, nokuhumusha izilimi, neziphiwo zesiprofetho na? Kungani besalokhu bewaphika, uma uNkulunkulu weTestamente eLidala noNkulunkulu weTestamente eLisha esalokhu enguNkulunkulu ofanayo na? Uma uNkulunkulu weTestamente eLisha, uMoya oNgcwele, esalokhu enguNkulunkulu ngokusho kwamaPentecostal, awazibhidlizi ngani izindonga zawo zesicelo, futhi eqophisana odwa, futhi abe ngamaKristu azelwe ngokusha na? Impela. Qhabo, omunye ngeke ngisho

aze akhulumisane nomunye. Niyabo, umhlatshelo awukaqedwa. Bahamba bedlule ekulandeleni imizwa, bakwenzile lokho yonke eyabo . . . Kuyo yonke iminyaka, phansi kwezithombe, benza ngokulandela imizwa.

103 Kodwa uNkulunkulu we—weBhayibheli, lowo nguNkulunkulu, onguyena izolo, namuhla, naphakade, ushisa izwe nawo wonke umehluko, asenze izidalwa ezintsha kuKristu. Yebo. UJesu wathi, "Lena ifakaza futhi initshele ukuthi NginguBani."

104 Into yakho yile, isizathu sokuba sinazo zonke lezizinto, yingoba sisalokhu sivumela imehluko yamahlelo, izivumokholo, ukuqophisana, ukuthandwa ngabantu, nodeveli bezwe, basiphuphuthekise eQinisweni langempela likaNkulunkulu. Kunjalo.

105 Umuntu omningi udukisiwe, ekwemukeleni uMoya oNgcwele; njengoba ngasho, banezimfundiso namhlanje, njengezingubo zikaElija, na—nazo zonke lezi enye into, amaDodana kaNkulunkulu embuliweyo, nazo zonke lezizimfundiso ezigqamileyo ezehlukeneyo, kanjalonjalo, ezweni namhlanje. Abantu bawa bephuphuthekile abalapho, futhi bedlule kolunye uhlobo lokulandela umuzwa, bavuke nyovane benomoya oqhoshayo, ukunganaki, ukuba nokuqophisana, ukuba nolaka. Lowo akusiwo uMoya kaNkulunkulu. Basalokhu beqhubeka ngqo, baphumile enqubweni, abazi ukuthi iyini inqubo yeBandla, abazi ukuthi bafanele baziphathe kanjani endlini kaNkulunkulu, akukho-ndlela yokuziphatha, qhabo, nje akukho-sibindi nhlobo, akukho—akukho mizwa ngakuNkulunkulu, abacabanga ngakho kuphela ngukuthi "ibandla lami." Kukhombisa ukuthi bemukela umoya webandla, futhi akusiwo uMoya kaNkulunkulu; ngoba Ukushaya konke lokho ukukhiphe kuwe, ukushise. Impela.

Niyabo, bathi, "Uphi na?" Lokho ngukuthi, sinelungelo kukho.

106 Kodwa, bukani, uma amafu elenga phezu kwelanga, ilanga njalo liyakhanya. Into kuphela elivimbela ukuba lingakhanyi kuwe, ngamafu. Futhi uma ubungasusa amafu, ilanga lizokhanya. Amen.

107 Mfowethu, asisuke kuso sonke isono sethu nokungabaza kwethu, nezingxaki zethu, iNdodana ibikhanya selokhu kwaba wuSuku lwePentekoste! UMoya oNgcwele mkhulu nje namhlanje njengoba Wawulokhu unjalo. Kodwa amahlelo ethu agqibe iZwi likaNkulunkulu, ngokuthi, "Kungokolunye usuku. O, lokho kuyobakhona, ukuphilisa ngokukaNkulunkulu, kuyoba sesikhathini seminyaka eyiNkulungwane." Noma, "Ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kwakusemuva *lapho*. Kuphathelene nosuku."

108 Angaba kanjani nguye izolo, namuhla, naphakade, futhi ukuphilisa ngokukaNkulunkulu kube kusalokhu kungasekho na? Angenza kanjani Amandla, kungaba kanjani . . . IBhayibheli labeka ngokwenqubo, "Kuqala abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abavangeli, abelusi, kube ngokweziqiniseko ukuthi iVangeli lisaphila." Futhi uNkulunkulu uzithumela phakathi kwethu ngqo, futhi siyakufulathela. UNkulunkulu akehluleki, ngabantu ohlulekile.

109 "Zikuphi izimangaliso, phakathi kwethu na? Zikuphi na?" UNkulunkulu wayekhuluma kulomuntu, emlungiselela ukuba aphume.

110 Khipha amafu, ilanga likhanya njalo. Kunjalo. Uma ukungabaza kungasekho, nezinto zenziwa ngokuyikho, izimangaliso ziyoba khona ngokuqiniseke ngempela nje njengoba iNdodana ikhona.

111 Ilanga, ngomyalo kaNkulunkulu, likhanya nsuku zonke. Likhona ngoba uNkulunkulu waliyala ukuba libe khona. Futhi inqobo nje uma kukhona imini nobusuku, ilanga liyolenga lapho. Impela. Akusikho ukuthi ulibona ngaso sonke isikhathi, ngoba amafu lilisithile; inkungu, amafu, ephansi noma ephezulu, kuyalimboza. Kodwa likhona njalo, niyabo.

112 Futhi into kuphela ofuna uyenze, ukubona izimangaliso namhlanje, uma ufuna ukubona isimangaliso sikaNkulunkulu, vele nje ususe konke ukungabaza. Susa zonke izivumokholo zakho, susa konke okobuhlelo, futhi lapho iNdodana izikhanyela ngokuzenzekelayo.

113 NguMyalo kaNkulunkulu, ngokuba Wathi, "Nguyena izolo, namuhla, naphakade." Ngakho, inqobo nje uma Ezoba khona kuze kube phakade, Ukhona! Akukho mbuzo ngakho, Ukhona! Ziphi izimangaliso na? Yini evimba izimangaliso na? UNkulunkulu wathumela uKristu, uKristu uphila kuze kube phakade! "Nomaphi lapho kuhlangene ababili noma abathathu ngeGama laMi, Ngiyakuba phakathi kwabo." Amen! "Bhekani, Mina nginani njalo, kuze kube sekupheleni kwezwe." Nango, isithembiso saKhe!

114 Yin'indaba pho? Sidedele amafu okungabaza, ukuhaha, ulaka, ukuzazisa, amahlelo, nezinye izinto, ukuba zifohle zingene kithi, zifohle zingene bese zisisusa eZwini, sithi, "lezo kwakukwenye indawo," siphika uKristu, siphika umbhaphathizo we—weNkosi, kaMoya oNgcwele, siphika umbhaphathizo wamaKristu weGama likaJesu Kristu, ezinye izinto, zonke izinhlobo zezinto, izivumokholo zethu esisephule sasisusa eBhayibhelini. Kodwa e . . .

115 Akusiyo yini into exakile, isibonakaliso, ukuthi ebusweni bakho konke, Mfowethu Way, ebusweni bawo onke amahlelo, ebusweni babo bonke abagxeki, iBhayibheli lisalokhu lihlezi lifana na? Lake lasehlula kanjani isivunguvungu na?

UNkulunkulu uphokophelele ukwehlulela wonke umuntu ngeBhayibheli. NeBhayibheli liyiZwi, neZwi linguKristu. Sonke, wonke umuntu uyohlulelwa ngaLokho.

116 Susa amafu, manje-ke kwenzekani, ilanga likhona lapho; into kuphela ofanele uyenze namhlanje. Ungasho, "O Jesu, woza ukungiphilise! O Jesu, ngiphe uMoya oNgcwele!" Susa amafu nje, Usevele ukhona! Ufika eminyakeni engamakhulu ayishumi nesishiyagalolunye edlule, futhi Uselokhu ekhona. Futhi Uyohlala njalo ekhona! "Ngingophilayo kuze kube phakade, onguyena izolo, namuhla, naphakade." Kunjalo!

117 Manje, uGideyoni nalabobantu lapho, ngaphambi kokuba babone, noma baze bahambe, babone lezizimangaliso zikaNkulunkulu, kwakukhona isimo okwakufanele kuditshwane naso. Ukudibana, ukubona Amandla ezibonakaliso, babefanele bakholwe. Babefanele bakholwe futhi balalele iZwi lomprofethi, ukubona izibonakaliso zikaNkulunkulu. Manje, khumbulani, ngaphambi kokuba bakwazi ukubona izimangaliso, babefanele balalele lokho okwakushiwo umprofethi.

118 Futhi ngaphambi kokuba sibone izimangaliso zikaNkulunkulu, sifanele silalele lokho okushiwo abaprofethi. IBhayibheli lingumProfethi, kithi. Kunjalo!

119 Uma umuntu, akunandaba ukuthi uzibiza kakhulu kangakanani ngomprofethi kaNkulunkulu, weBaptisti, iMethodisti, iPentekostal, noma angaba yini, noma ngabe uzibiza ngani, uma leliZwi lingaphili kuye, akasuye umprofethi. Angaba umprofethi, kodwa, owamanga. Abaprofethi beqiniso bakhuluma ngaleliZwi leqiniso, bese-ke bebeka uNkulunkulu uNkulunkulu ofanayo impela nje, Amandla afanayo, amaZwi afanayo, into efanayo yonke, Izwi leqiniso.

120 Manje, babefanele bakholwe. Babefanele bakholwe Izwi lomprofethi futhi baLilalele, ngaphambi kokuba bakwazi ukubona izimangaliso zikaNkulunkulu.

121 Futhi namhlanje, ungeke wahamba lapha phansi kokwezinto ezenziwe zamanga, uthi "uJesu akasuye onguye izolo, namuhla, naphakade; izinsuku zezimangaliso selwedlule; futhi ayikho into okuthiwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele," bese ulindela ukubona izimangaliso zikaNkulunkulu. Ufanele uLilalele! Futhi uma uLilalela, uNkulunkulu uyakunakekela konke.

122 Uma ubungabrasha onke amafu ahlehle, ilanga livele likhona. Lilenga lapho nje. Ilanga alinyakazi, siyatshelwa. Ilanga lihlala endaweni eyodwa.

123 NoKristu uhlale ekhona! Futhi kunjalo. Thina siyaqhela kuYe, kodwa Yena uhlale ekhona. Kunjalo. Into kuphela okufanele uyenze ngukuba uphenduke wena uqobo ubheke emuva bese ubhekana naYe, futhi uyabona ukuthi kwenzekani. Bhekana noKristu! Hhayi ukubhekana nebandla, hhayi

ukubhekana nesivumokholo, hhayi ukubhekana neziqu; bhekana noKristu! Niyabo, hhayi ukubhekana nekholishi; bhekana neZwi! UKristu uyiZwi. Impela, Linguye. Kunjalo impela.

124 Lalela iZwi, kithi. Babefanele balalele iZwi. Futhi, kithi, sifanele silalele iZwi.

125 Uma uthanda ukukwazi lokho, nginombhalo olotshwe lapha, owathi, "Uma Nihlala kiMi, namaZwi aMi ekini, celani enikuthandayo." Niyabo? Kwakuyini na? Uma iZwi likaNkulunkulu likithi, futhi lihlala lapho, Lizikhulumela lona nje. "Celani enikuthandayo, futhi niyakuphiwa khona." Manje, lokho kutholakala kuJohane 15:7, uma nifuna ukukumaka phansi. Niyabo, uJesu wathi, "Uma Nihlala kiMi, amaZwi aMi ahlala kini."

126 Hhayi ukuthi namhlanje yinto *eyodwa*; kusasa, ngakusasa, ngenye into; futhi uhlubuke, futhi *ngapha*, naphansi *lapha*, naphansi *lapho*. Kukhombisa ukuthi awuzange uthole lutho, kwasekuqaleni.

127 O, wena uthi, "Ngakhuluma ngezilimi." Uthi kuhle. Kodwa, wena, noma kunjalo, awuzange uthole lutho. Niyabo? Wena uthi, "Ngasina eMoyeni." Kulungile, kodwa noma kunjalo angazi ukuthi hlobo luni lomoya owasina kulo. Niyabo?

128 Uma usentweni eyodwa, ngosuku olulodwa; bese kuthi ngeviki elilandelayo, enye into; bese kuthi isiqopha-mithi esincane sifike, siqophe esihlahleni esinomgodi usilandele nesinye ngapha, ukudledlezela kwemishini, awazi ukuthi ungowangaphi, khona-ke uKristu akahlali kuwe. AmaZwi aKhe alikho lapho. Ngoba, Lizinzile, ubungasoze waphendukela ebumnyameni!

129 Njengoba ngashumayela ngolunye usuku ngokuthi "*INdida*," ngenkathi uJoshuwa emisa ilanga. UBecky emuva lapho, wathi, "Baba, wayengeke alimisa ilanga," wathi, "izwe elaliyoma. Wamisa izwe."

130 Ngathi, "Wamisa ilanga." UNkulunkulu akenzi maphutha eBhayibheli laKhe.

131 Wathi, "Wayengalimisa kanjani ilanga, ilanga alihambi ngisho na? Ilanga limi."

132 Ngathi, "Kodwa loyo, loyo mcibisholo ojukujelwayo phandle lapho, wawungesikho lokho Ayekhuluma ngakho. Lelilanga elalihamba futhi lenza kukhanye emhlabeni, ilelo langa Alimisayo."

133 Angazi ukuthi uNkulunkulu wenzani, ukuba akwenze kufezeke, kodwa Wamisa ilanga. Ilanga laliya *ngapha*, ilanga emhlabeni, ukubonakalisa ukukhanya kwelanga. Lowo mcibisholo ojukujelwayo phandle lapho, besingeke sibone emamayeleni ayisigidi sawo, noma izigidi zamamayela. Kodwa

ukubonakala ukukhanya kwelanga, okwakuhamba emhlabeni, kusukela emini kuya ebusuku, yilokho uJoshuwa akuyala ukuba kume; futhi kwama. *Indida* yinto e "ngakholwakali, nokho eyiqiniso." Ngakho, lokho akukholwakali, kodwa nokho kuyiqiniso.

134 UNkulunkulu angasithatha kanjani isoni, ozidlayo, onolaka, owesilisa oqophisanayo, bese enza ongcwele kaNkulunkulu ngaye na? Ungamthatha kanjani owesifazane ophansi kabi, ngangokuthi izinja ngeke ziphendukele ngisho kuye emgwaqeni, bese enza ongcwele kaNkulunkulu ngaye na? Ngeke nganitshela. Kodwa Wakwenza! Kuyindida. Impela kuyiyo! Yonke imisebenzi kaNkulunkulu emikhulu iyindida.

135 "Uma nihlala kiMi, neZwi laMi likini, celani enikuthandayo, futhi niyokwenzelwa khona." UJohane oNgc. 14 noma uJohane oNgc. 15, ngiyaxolisa, uJohane oNgc. 15:7. Kulungile.

136 Asibuyele kuGenesisi, umzuzwana nje. UNowa wayefanele adibane nezimo. UNowa wafanele akholwe iZwi likaNkulunkulu, futhi asebenzele phezu kwaLo, ngaphambi kokuba akwazi ukubona isimangaliso sikaNkulunkulu. Kunjalo. UNowa, umprofethi omkhulu kaGenesisi, wayefanele akholwe iZwi likaNkulunkulu futhi asebenzele phezu kwaLo, ngaphambi kokuba abone isimangaliso sikaNkulunkulu. Lalingakaze line, niyazi, kwakungakaze kubebikho mvula.

137 Futhi nicabanga ukuthi basitshelani na? Ukuthi, lowonyaka wawungunyaka omkhulu kunalowo esiphila kuwo manje, kwisayense. Ngeke sakha isivivane futhi, noma ibhubesi elinekhanda lomuntu eliqoshiwe. Asinazo izindlela zokwenza isidumbu esigqunyiswe ngemithi ukuba singaboli; ngeke sasenza some kanjalo. Ngeke safaka umbala engutsheni, ukuba uhlale isikhathi eside, njengoba benza emuva lapho. Asinazo ngisho lezozinto. Futhi leyo yinto isayense yethu yesimodeni engeke ngisho yayithola. Kodwa babenayo!

138 Asina—asinabo onjiniyela abanjengalabo ababenabo. Lesosivivane esikhulu eGibhithe siphelele kakhulu phakathi nendawo yomhlaba, akunandaba ukuthi ilanga likuphi, alikho neze ithunzi macala onke kuslo. Besingeke sakha isakhiwo esinjalo. Asazi ukuthi kwenziwa kanjani. Kanjalo ngeke sakha isivivane. Futhi phezulu phakathi lapho, phezulu ukuzungeza amatshe okuvala phezulu naphakathi lapho, kubekwe ibhlokwe elinguhhafu wendlu yasedolobheni phezulu emoyeni, kukhona amatshe elisinda izigidigidi zamathani, amakhulu amathani, njalo, alenga phezulu phakathi lapho. Yonke imishini esinayo ezweni yayingeke iwaphakamisele lapho.

139 Bangitshela ukuthi kungathatha izimoto eziflethi eziyishumi nesithupha, ukuthwala umlenze webhubesi elinekhanda lomuntu eliqoshiwe kuyo. Bawufaka kanjani lapho na? Kwenzeka kanjani na? Babengososayense abakhaliphile!

140 Futhi nicabanga ukuthi bathini kumuntu, uhlanya, ofanele ukuba ngumprofethi, owathi, "Kukhona amanzi avela ezibhakabhakeni"?

141 Ngiyabezwa bethi, "Sithatha amathuluzi ethu, futhi sidubule size siyothi ngqi ezinkanyezini, futhi akukho naconsi lamanzi phakathi kwalapha nalaphaya. Kukuphi?"

142 UNowa wayengabuya nalokhu, "UNkulunkulu wangitshela, 'Lizokuna.'" Lokho kwenele. Lokho kuyakuxazulula. UNkulunkulu wathi kwakuzokwenzeka, ngakho yilokho okuzokwenzeka. Kulungile. (Ngifanele ngisheshe; abanye abazalwane belindile.) Qhabo . . . Wathi, "Lizokuna."

"Wazi kanjani na?"

"YiZwi leNkosi. Ngu ISHO KANJE INKOSI."

143 "Uzokwenzenjani ngakho, Nowa, uhamba hamba nje futhi ushumayela ngakho na?"

"Qhabo, mnumzane. Ngizokulungiselela." Niyabo?

"O, lokho bekungaba yisimangaliso! Izinsuku zezimangaliso selwedlule."

"Bambelela nje, uzokubona emva kwesikhashana." Yebo, mnumzane.

144 Futhi wenzani na? Wakha umkhumbi ngaphambi kokuba kwehle imvula. Wayenzani na? Esebenza phezu kwesithembiso. Amen. Ngizwa uhlobo lwepentekoste khona manje, ngizizwa nginokholo!

145 Yebo, thatha uNkulunkulu eZwini laKhe, sebenza phezu kwesithembiso, kungakhathaleki ukuthi kwenzekani, kukuNkulunkulu ukwenza konke okunye kwakho. Qala nje ukushaya amafu! "Lahlani konke okusindayo okunithandela kangaka." Lahlani konke ukungabaza kwenu, ukwesaba kwenu, amahlelo enu, izivumokholo zenu, nanoma yini ephambene neZwi. UJesu Kristu ungonguye nje izolo, namuhla, naphakade. Lahlani izivumokholo zenu nje, lahlani amahlelo enu, lahlani konke ukungabaza kwenu, nilahle zonke izingxaki zenu, bese nje niqhubeka. Into yokuqala niyazi, niyo—niyosusa isihlephu sokugcina, futhi Uyobe emi lapho. Niyodibana naYe.

146 UNowa wathi, "Uma ngakhe umkhumbi, Uzofika. Imvula iyoqala ukuna!"

"Usuku owakha ngalo umkhumbi?"

147 "Uma ulinda iminyaka engamashumi amahlanu, ngizobe ngihlezi emkhunjini, ngilinde wona. Iyeza, ngoba uNkulunkulu washo njalo!"

148 Niyabo, into yokuqala, wadingeka ukuba azilungiselele. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu wezimangaliso, ngakho akaMngabazanga. UNkulunkulu wayekhulume kuye, futhi wakwazi.

149 Uma uNkulunkulu ekhuluma nawe, eZwini laKhe, enhliziyweni yakho uyakwazi. Uma lonke izwe seliphumile kuwe, nezinto zezwe kufile, uyakwazi. Uma, uma nithanda izwe noma izinto zezwe, usalokhu wazi, enhliziyweni yakho, awulungile. Yiqiniso. Ngakho, uma yonke into ingasekho, manje-ke ayikho enye into engenziwa kodwa dibana noNkulunkulu. Uyobe emi lapho. Uhlala ekhona.

150 Njengelanga, s-u-n, kanjalo neNdodana S-o-n ihlala iyiyo nje izolo, namuhla, naphakade. Ilanga s-u-n elikhanyayo, yilanga elifanayo elakhanya kuGenesisi, ilanga elifanayo elakhanya kuElija kuleyontaba, ilanga elifanayo elashona ngosuku lokubethelwa. Haleluya! Lisalokhu lifana. NeNdodana kaNkulunkulu efanayo, iyiyo izolo, namuhla, naphakade; iyafana ngaMandla, iyafana ngothando, iyafana ngezibonakaliso.

151 Yini, namuhla, isibonakaliso somKristu na? "O, uya ebandleni, afake igama lakhe ebhukwini, unencwadi." Leso akusiso isibonakaliso uJesu asishoyo.

152 Wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. NgeGama laMi bayakukhipha amademoni, bakhulume ngezilimi ezintsha. Uma bephatha izinyoka, noma bephuza okubulalayo, akuyikubalimaza. Uma bebeka izandla zabo phezu kwabagulayo, bayosinda."

153 Uma uNkulunkulu enathi, ziphi izibonakaliso zaKhe na? Impela, buyela eZwini laKhe, izibonakaliso sizozenzekela masinya nje uma sibuyela eZwini.

154 UNowa, ngaphambi kokuba abone izimangaliso zikaNkulunkulu, njengoGideyoni wayefuna ukubuza mayelana nakho, wadingeka ukuthi kuqala asebenzele phezu kweZwi likaNkulunkulu. UGideyoni wadingeka ukuthi asebenzele phezu kweZwi likaNkulunkulu.

155 Wonke omunye umuntu ufanele asebenzele phezu kweZwi likaNkulunkulu. Ngaphambi kokuba ngize ngisho ukuthi kwakukhona uNkulunkulu, ngadingeka ukuba ngisebenzele phezu kwesithembiso saKhe, khona-ke Wazibonakalisa Yena uqobo. Uma ufuna ukuphiliswa, Mkholwe! Sebenzela phezu kweZwi laKhe, kuyofezeka.

156 UMose, ngaphambi kokuba aze akwazi ukubona izimangaliso zikaNkulunkulu, wadingeka ukuthi kuqala asebenze phezu kweZwi likaNkulunkulu. Wayazi ukuthi wayekade emzwile umama wakhe ethi wayezalwe ngokuzalwa okuyinqaba, wafihlwa ebungwini. Wamtshela ukuthi uNkulunkulu wayembizile futhi wamkhetha.

157 Futhi wacabanga, "Awu, mina ngiyindoda eyisosha, ngingahamba nje ngiphume lapha futhi ngibulale—bulale lomGibhithe futhi ngimfihle othulini. Futhi ngingenza noma yini engiyifunayo. Kuthatha lokho kuphela." Kodwa, niyabo,

yilokho ayezama ukukwenza. Lowo kwakungumbono wakhe. Wayengakaze ambone lowoNkulunkulu owenza—owenza isimangaliso ukumgcina ngaso sonke lesosikhathi.

158 Kodwa ngoluny'suku, emva kokuba wayeseneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala, wayeluse izimvu, ehla eya edlelweni, mhlawumbe indlela yezinyawo lapho izimvu zazikade zihamba khona. Nomelusi omdala ehamba ngalapho, nenduku egwegwile esandleni sakhe, eshaya eceleni komzila; mhlawumbe ewunyonga kancane, eseneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala; ubuhwanqa bulengela okhalweni lwakhe, mhlampe, esempunga njengezimvu ayezelusile. Futhi wabona Into ethize! O Nkulunkulu! Kwakuyimfihlakalo kuye.

159 Ngethemba ukuthi nginganikhombisa into ethize kulobubusuku. Futhi sinechibi lamanzi lapha, eselilungile.

160 Wabona into ayengakaze ayibone ngaphambili. Wayesethi, "Kungcono ngiYihlole." Ngakho wabuyela eceleni, neZwi leNkosi leza kuye. Udumo! Haleluya! IZwi leNkosi lafika kuye. Manje, ngaphambi kokuba ahambe, wadingeka ukuba asebenzele phezu kweZwi leNkosi.

161 Futhi, khumbulani, iZwi leNkosi njalo lenza izimangaliso. Wathi, "Ngiyokwazi kuphi ukuthi Unami, futhi u 'mthumile' na?"

Yathi, "Yini esesandleni sakho na?"

Wathi, "Induku eyomile."

162 "Yiphose emhlabathini!" Umyalo wokuqala uNkulunkulu awunika uMose. "Uma ufuna ukwazi ukuthi nginguNkulunkulu; uphethe induku esandleni sakho, yiphose emhlabathini."

UGideyoni wathi, "Ziphi izimangaliso zikaNkulunkulu na?"

163 Yathi, "Beka lesosinkwa phezu kwe altare, Ngizokukhombisa ukuthi uNkulunkulu unguBani." Yayisisithinta ngentonga yaYo; nentuthu yaya phezulu, futhi waqedwa.

164 UMose wathi, "Ngiyothi ubani ongithumile na? Ngazi kanjani ukuthi UnguNkulunkulu na?"

165 Wathi, "Unani esandleni sakho na? NgingumDali wokuphila. NginguNkulunkulu osebenza izimangaliso." Futhi ngaphambi kokuba uMose ake aze abone Amandla kaNkulunkulu enza zonke lezizinto, kuqala wadingeka ukuba alalele uNkulunkulu. Waphosa induku emhlabathini, iphenduka inyoka. Wewu! O, he! Ini? Ngabe i . . .

Ukulalela kufika kuqala, ngaphambi kokuba ubone izimangaliso zaKhe!

166 Lawa abizwa ngamabandla emazweni jikelele namhlanje, athi, "Awu, ziphi zonke izimangaliso na? Sizonikela ngesigidi samadola kunoma ubani ozovumela, ozoveza isimangaliso."

Wena, muntu-ndini, owenze ngamabomu, ohlubukile, ofe kabili, wasishulwa ngezimpande!

167 Uyoke usibone kanjani isimangaliso, uze ube yiso na? Udumo! Isimangaliso somusa kaNkulunkulu, ukuthatha umngabazi ongakholwa futhi amgcwalise ngoMoya oNgcwele! UJesu wathi, "Uma umuntu engazalwa ngokusha, angewubone ngisho noMbuso kaNkulunkulu." Uma ufuna ukubona isimangaliso, yiba yiso. Vumela uNkulunkulu asebenze kuwe, kuqala. Unokunye ukulungisa afanele akwenze, izingilazi eziqoqa ukukhanya ukuba azibeke emehlweni akho, ngoba uphuphuthekile, ufile esonweni naseziphambukweni, baphuphutheke ngokomoya, bafe kabili. Kunjalo! UNkulunkulu ufanele akuphe ukuPhila, athinte amehlo akho ukuze ubone; enze isimangaliso, futhi akwenze isimangaliso, bese kuthi-ke usungambona uNkulunkulu osebenza izimangaliso. Leyo yinto yokuqala.

168 UMose wadingeka ukuba aMkholwe. UMose wadingeka ukuba asebenzele phezu kwaLo, asebenzele phezu kwalokho okwakushiwo nguNkulunkulu. Wayefuna ukubona ukuthi ngabe lowo kwakunguNkulunkulu noma qha. Wathi, "Awu, Mose, sebenzela phezu kwalokho eNgikutshela khona."

169 Manje lalela lapha, kulobubusuku, mfowethu, dadewethu. Uma ufuna ukwazi ukuthi uNkulunkulu unguBani, nje sebenzela phezu kwalokho Akushoyo Lapha. "Phendukani, yilowo nalowo, abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, futhi wena uzoba yisimangaliso." Leso yisithembiso saKhe. Yilokho Akushoyo. Sebenzela phezu kweZwi laKhe, "Khona niyakwamukela isiphiwo sikaMoya oNgcwele; ngokuba isithembiso ngesenu nesabantwana benu." O, lokho nje ngokwabaphostoli na? "Nalabo abakude, bonke labo iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza." Sikulabo-ke isithembiso.

170 Sebenzela phezu kweZwi laKhe, futhi uzobona isimangaliso sangempela. Ikhona into ezokwenzeka uma usebenzela phezu kweZwi laKhe. Njengoba kwenza uGideyoni, wenza lokho Amtshela ukuba akwenze! Njengoba kwenza uNowa, wenza lokho Amtshela ukuba akwenze! Njengoba kwenza uMose, wenza lokho Amtshela ukuba akwenze!

171 Wathi, "Phosa phansi induku yakho!" Ngamany'amazwi, "Yeka yonke into ekuzungezile!" Amen. "Inike Mina!"

172 Uthi, "Nginolaka olubi kabi." Lunike uNkulunkulu, Uyazi ukuthi luthuliswa kanjani. "Nginezinqwaba zezinkanuko." Uyazi ukuthi isuswa kanjani. Niyabo? Kubeke ezandleni zaKhe nje, bese ubhekisisa ukuthi isimangaliso singenzani. Kunjalo. Kulungile.

173 UMose wadingeka ukuba asebenzele eZwini likaNkulunkulu, ngaphambi, noma, alalele iZwi likaNkulunkulu ngaphambi kokuba akwazi ukubona

izimangaliso zikaNkulunkulu. Kodwa emva kokuba eseke wakubona, mfowethu, akusekho okuzommisa-ke.

174 Ngiyambona, ngakusasa, enoZipora ehlezi phezu kwalomnyuzi, no—noGereshomi omncane esenqulwini yakhe, enqulwini yakhe owesifazane, njalo, ubuhwanqa bulenga *kanjalo*. Mfowethu, lobobuso babumamatheka, lawomehlo esina ebheke phezulu ngasesibhakabhakeni. Esuka ekubeni ngumelusi wezimvu, eya ekubeni yindoda enamandla kaNkulunkulu; indoda eyiqhawe, ehlela ukuyokhulula. Bukani uGideyoni! Kwenzekani na? Yebo, mnumzane, ehla nenduku egwegwile, ukuyothatha isizwe. Wakwenza. Impela, wakwenza. UNkulunkulu wamtshela ukuba akwenze.

175 Akunandaba ukuthi kubukeka kungenaqiniso kangakanani, wena nje yenza lokho uNkulunkulu akutshela ukuthi kwenze. Uzothola ukuthi iZwi laKhe lisafana. Hlehlisa amafu nje, iNdodana iyakhanya vele.

176 UJoshuwa, o, lowomnqobi omkhulu! O, owathatha isikhundla sikaMose! Indoda uNkulunkulu ayeyithanda, iqhawe elinamandla! Indoda uNkulunkulu ayeyithanda! UNkulunkulu wamtshela, “Njengalokho Nganginaye uMose, kanjalo Ngiyakuba-nawe.” Kodwa ngaphambi kokuba izindonga ziwe, uJoshuwa wamasha ngokweziyalo zeNduna eNkulu; ezungeza izindonga, kashumi nantathu, ngaphambi kwaMandla kaNkulunkulu ake ashaye into. Wamasha wazungeza udonga, wayeseshaya icilongo, ngokweZwi likaNkulunkulu iNduna eNkulu eyamtshela lona phandle lapho ngenkathi Idibana naye. Wamasha ngokweZwi likaNkulunkulu. Wenzani na? Wasebenzela phezu kweZwi, ngaphambi kokuba abone isimangaliso.

177 Niyazi, ukukhalisa icilongo nje akuluzamazamisi udonga kuluwise ongakwazi ukugijimisa imidlalo yezinqola zizungeze; ukukhalisa icilongo. Kodwa uNkulunkulu wathi, “Nje, masha nje uzungeze izindonga, kasikhombisa, futhi, usuku lokugcina, mashani isikhombisa.” Nakashumi nantathu. “Futhi lapho nizungeza udonga, okokugcina, dedela abapristi bahambe ngaphambili, nomphongolo, bese bekhalisa icilongo. Futhi uma icilongo likhala, izindonga zizozamazama ziwe phansi.” Benzani na? Wabona isimangaliso sikaNkulunkulu, emva kokuba esebenzele eZwini likaNkulunkulu.

Ziphi izimangaliso zakho na? Sebenzela eZwini laKhe, kuqala.

178 Zazingazanyazanyiswa kanjani izindonga ziwe, bese kushiywa indlu eyodwa encane imile, indlu yesifebe na? Ngoba sasebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu. Bafelani bonke abanye babo, futhi sona saphila na? Sasebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu, futhi sabona isimangaliso sikaNkulunkulu. Yileyondlela yokukuthola, sebenzela eZwini.

179 Abantwana bamaHeberu, esithandweni somlilo. Benzani ngaphambi kokuba babone isimangaliso sikaNkulunkulu na? Basebenzela eZwini likaNkulunkulu. Babazi ukuthi WayenguNkulunkulu. Babazi ukuthi WayenguNkulunkulu owayebakhiphe eGibhithe. Ba—babazi ukuthi babe… WayenguNkulunkulu ofanayo owayehlala enguye njalo, ukuthi Wayefanele abe nguNkulunkulu osebenza izimangaliso.

180 Futhi Wayebanike umyalo "ukuba bangakhothameli izithombe." Akaguquki. "Hlalani neZwi laMi! Ningakhothameli izithombe!"

181 Bathini na? "UNkulunkulu wethu unamandla okusikhulula kulesisithando somlilo. Kodwa, noma kunjalo, sizosebenzela phezu kweZwi laKhe!" Kwakulapho-ke. Kwenzekani na? Base-ke bebona isimangaliso sikaNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukumelana nomlilo.

182 Uyagula na? Sebenzela phezu kweZwi laKhe, ubone ukuthi Uyaphilisa na. Uma uyisoni, futhi ufuna ukugcwaliswa ngoMoya oNgcwele; woza, uphenduke, futhi ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu. Bese usebenzela phezu kweZwi laKhe, ubone ukuthi kwenzekani. Uma usalokhu unezwe kuwe; nani besifazane nisayeka izinwele zibe mfishane, nisafaka upende ebusweni; wena silisa usalokhu unolaka, futhi niqophisana ngamahlelo enu; uma ufuna ukubona ukuthi Usenguye uNkulunkulu; sebenzela phezu kwaLo, bese uzibeka wena uqobo phezu kwe altare, ubone ukuthi kwenzekani. UnguNkulunkulu. Ufanele usebenzele eZwini laKhe, kuqala.

183 UDanyeli, ngaphambi kokuba abone isimangaliso sikaNkulunkulu, simkhulula emphandwini wezingonyama, into yokuqala ayenza kwaba ngukusebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu.

184 Isimemezelo saphuma, "Uma noma yimuphi umuntu okhuleka kunoma yimuphi omunye unkulunkulu ngaphandle kwalesisithombe, izinsuku *ezingaka*, uyophoswa emphandwini wezingonyama." Akekho umuntu owayengakhuleka kunoma yimuphi omunye unkulunkulu kuphela eNkosini; wayefanele abe ngunkulunkulu, niyabo, izinsuku ezingamashumi amathathu.

185 Kodwa wenzani uDanyeli na? Wasebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu. Isizathu, ngenkathi uSolomoni enikela ngethempeli, wakhuleka, wathi, "Nkosi, uma abantu baKho besenkathazweni, nomaphi, futhi beyobheka kulelithempeli elingcwele khona-ke Uzwe useZulwini." Kunjalo.

186 UDanyeli wasebenza, kuqala. Ukusongela kwakungukuthi, "Uzongena emphandwini wezingonyama." Kodwa uDanyeli wasebenzela eZwini likaNkulunkulu. Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayesalokhu enguNkulunkulu. Njengoba kwenza uGideyoni nje; wayazi ukuthi uNkulunkulu, uma Wayesalokhu

enguNkulunkulu, pho ziphi izimangaliso zaKhe na? NoDanyeli wayengumprofethi, wayazi ukuthi wayemthanda uNkulunkulu. Wayazi ukuthi wayeyinceku yaKhe, futhi wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekwazi ukumkhulula kulezozingonyama. Kodwa uma wayesenkathazweni, phansi kokusongelwa, waphendulela ubuso bakhe ngasethempelini, futhi wakhuleka kathathu ngosuku, khona impela nje. Wasebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu, futhi uNkulunkulu wamgcwalisa wagcwala kakhulu uMoya oNgcwele ngangokuthi izingonyama azizange zisamudla. Kunjalo. Kunjalo. Wasebenzela kuqala phezu kweZwi likaNkulunkulu.

187 UJona, esezibilini zomkhomo, wasebenzela kuqala eZwini likaNkulunkulu. Wayazi ukuthi wayengasekho, mayelana nokomzimba. Izandla zakhe zaziboshiwe, izinyawo zakhe zaziboshiwe. Lomshumayeli kwabeZizwe waphoswa wakhishwa emkhunjini, wayongena ezibilini zomkhomo, futhi wehlela phansi ezinzulwini zolwandle. Manje isimo esinje pho akuso! Kodwa kuqala waziguqula, esezinzulwini zomkhomo, ukhula lwasolwandle lwaluthandele entanyeni yakhe. Lapho, u—umkhomo wawukade udla lolukhula nezinto, ukufaka amavithamini emzimbeni wawo, amaphilisi awo amavithamini, wase-ke uthola umshumayeli phakathi lapho. Kodwa lomshumayeli kwasa kuye! Haleluya!

188 O, mfowethu, mshumayeli, makuse kuwe kulobubusuku! Suka kulezozivumokholo ezindala nezinto, bese ubuyela kuNkulunkulu ophilayo, eZwini eliphilayo.

189 Kwasa kuye, waginqika. Ungeke wamfihla ongcwele emkhulekweni wakhe. Waguquka, wayesebuka, ndawo zonke kwakuyizibilini zomkhomo, yonke indawo kuye; empumalanga, enyakatho, entshonalanga, naseningizimu. Futhi waqonda ukuthi wayesezibilini zomkhomo, naphansi ezinzulwini zolwandle, nesiphepho olwandle. Onke amathemba lalingasekho ngenkathi esemkhunjini; futhi manje wayesezibilini zomkhomo, kuqhele kakhulu ethembeni kunasekuqaleni. Futhi lapho kuphela ayengabona izibilini zomkhomo, wathi, "Bagcina okungumoya nokuyize nje. Ngeke ngisabakholwa. Kodwa ngiyobheka ngasethempelini laKho elingcwele, Nkosi." Ithempeli elingcwele, wayengabhekile phansi; wathi, "Liphezulu *lapho*, ngakho ngibheke ngakulo."

190 Wayese-ke ebona isimangaliso sikaNkulunkulu. Ngandlela thize, umoyampilo ioksijini yangena emkhomeni. Wavele nje waphefumula ngokwejwayelekile izinsuku ezintathu, wayesethola ukuphumula okumnandi okuncane nokugibela, ukuze athathe lezizinsuku ezingamashumi amane. . .uhambo ukunqamula, umuzi omubi ezansi lapho, ukuba ashumayele iVangeli. Wathola konke ukuthi ahlumeleleke ngomoyampilo ioksijini entsha evela eZulwini. Yayingeke ivele emkhomeni,

futhi yayingeke ivele olwandle, ngakho yadingeka ukuthi ivele kuNkulunkulu!

191 O, phefumulela kithi kulobubusuku, Nkosi, lowomoyampilo iOksijini yeZwi likaNkulunkulu, ngaMandla okuvuka kwaKhe, ukuba sikwazi ukuhlala siphila ngalolu lokugcina, usuku olubi. Phefumulela phezu kwethu, O Moya oNgcwele! Yilokhoke, mfowethu. Phefumula, Nkosi, sigcwalise ngomoyampilo iOksijini!

192 Njengoba nginitshelile kulokhu ukusa ngedada. Lathi nje lingahogela amanzi, kwakungekho lutho olwalungalisusa kuwo; konke ukukukuza kwesikhukhukazi, nakho konke okunye. Laqonda ngqo emanzini, ngoba lalilidada.

193 Manje, uma ekhona kini onemvelo yedada, sinechibikazi ngemuva lapha, niyabo. Uma ungahogela, uma unephunga lokuthi uNkulunkulu uhlala enguNkulunkulu, uma unephunga elivela eZulwini kulobubusuku, ukuthi uNkulunkulu uyaligcina iZwi laKhe futhi UnguNkulunkulu osebenza izibonakaliso, futhi ungakamemukeli uMoya oNgcwele okwamanje; hogela amanzi, into yokuqala Athi ayenziwe. Impela. Phenduka, kusukela phansi enhliziyweni yakho, bese uzibeka wena uqobo njengomhlatshelo e altare; futhi wena uzoqedwa, ngokwezwe, bese uzalwa ngokusha ngoMoya; futhi ubhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu, Uzokugcwalisa ngoMoya oNgcwele. Hamba ngokulandelanisa okufaneleyo; ungezi uzoxhawulana nomshumayeli bese ufaka igama lakho ebhukwini, kodwa, yifa ube ngofe ngangokuthi awusalazi izwe.

194 UAbela wafela e altare elifanayo newundlu lakhe. Futhi indlela kuphela oyoze ulungelane ngayo noNkulunkulu, ngukufela e altare noKristu, yonke into ize ibe mnyama bhuqe ngakuwe. Fela lapho! Futhi uma usuvuka futhi, uyoba yisidalwa esisha kuKristu. Impela.

195 UJona wadingeka ukuthi akholwe yiZwi likaNkulunkulu, futhi asebenzele phezu kwaLo, kuqala. Manje, mhlawumbe wayelele ubuso bakhe bubheke phansi, ngenkathi ehlela ezibilini zomkhomo, ngoba bavele nje bamjikijela; wavele waphulukundlela waqonda phansi ezibilini zomkhomo. Umkhomo wathi, "Awu, sizokwehla siye ezinzulwini zolwandle manje."

196 Futhi angazi ukuthi kazi umkhomo wacabangani ngalezonsuku ezintathu, into exakile yayenzeka. Manje, niyabo, isakhiwo, somkhomo, asikuthokozelanga. Kanjalo nebandla lenhlangano yobuhlelo alikuthokozeli. Kodwa, o, uJona wakuthanda kanjani! Impela, wakuthanda, ngoba kwakungumoya ofreshi uNkulunkulu ayemphephetha ngawo, futhi wayehlezi ephila. Nkulunkulu, phephethela Umoya ofreshi kithi!

197 Uma uJona wakwazi ukwenza isimangaliso esinjalo, ngokukholwa iZwi likaNkulunkulu, ethempelini lemvelo; lapho, umuntu okwathi ekugcineni wahlubuka, uSolomoni, ayelakhile, kodwa wacela uNkulunkulu, ngomkhuleko, ukuba abusise noma ubani owayebheke kulelothempeli, futhi abakhulule ezinkathazweni zabo, noma ngabe babekuphi; noJona wakwazi ukukholwa, phansi kwalezozimo. Singakholwa kakhulu kangakanani, kulobubusuku, ukuba sibheke eZulwini; lapho, hhayi umhlubuki, hhayi umuntu owafayo wayesehlala ethuneni, njengoJona . . . noma njengoba uSolomoni waba njalo ngalesosikhathi; kodwa uNkulunkulu ophilayo Ohlala ngakwesokunene soMkhulu, onke Amandla negunya, nokushumayela iZwi nokuthumela uMoya oNgcwele njengofakazi Akwenzayo. Amen. Kholwa yiZwi likaNkulunkulu, uzobona izimangaliso zikaNkulunkulu. Kodwa ufanele uLikholwe, kuqala. Impela wayenjalo. Ya.

198 UGideyoni, emva kokuba esebone lesisiVakashi sihlezi phansi komuthi, noGideyoni wathi ukuSibuza, kuqala. Wathi, "Uma uNkulunkulu esalokhu ehlala enguNkulunkulu, uma uNkulunkulu enathi, ziphi izimangaliso zaKhe na?" Nalesi—nalesisiVakashi sihlezi phansi komuthi, Senzani na? Ngenkathi Sithinta lowomhlatshelo ngenduku yaSo Esasiyiphethe ngesandla saSo, waqedwa. Futhi wazi ukuthi lokho kwakungukwenza kukaNkulunkulu, ngakho wazi-ke ukuthi isiVakashi phansi komuthi, esasibukeka njengeKhehla lihlezi lapho, kwakuyiZwi elenziwe inyama. Haleluya! KwakuyiZwi eliphilayo. Wazi ukuthi lelo kwakuyiZwi eliphilayo, ngoba Lalisebenza futhi liphila enkathini yamanje. Udumo kuNkulunkulu, mfowethu!

199 IPentecostal ikahle, kodwa ingumlilo opendiwe uma ungakaLemukeli wena uqobo. Hhayi inkathi edlule; inkathi yamanje! Usizani uNkulunkulu womlando uma Engesuye uNkulunkulu ofanayo namhlanje na? Bengihlale njalo ngithi, kusizani ukunika umzwilili, inyoni, amavithamini ukwenza izimpiko zayo zikhule, bese uyifaka esibiyelweni ikheyiji bese uyigcina lapho na? Kusiza ngani ukufundisa ukuthi kukhona uNkulunkulu waMandla, bese-ke bephuca abantu ithuba lokuMkhonza na? Amen. Impela. Umbhedo!

200 Yingani ninawo onke lamakholiji yonke indawo, njengomkhulu umshini wokuchamsela, uchamsela abashumayeli na? Niyabo?

201 Ngihlala njalo ngiyidabukela inkukhu echanyuselwa ngomshini, ngempela ayibanga namama. Ayikaze yazi ukuthi ivelaphi. Akukho muntu oyiphatha njengonina, ifika ngokomshini.

202 Kuthi akube yileyondlela ngomshumayeli wasekholiji owazi isayense yezenkolo kuphela. Angakhalipha kakhulu futhi

aphucuzeke njengoba bekungaba yinoma yisiphi isufundiswa esikhulu, angahle akwazi ukushumayela ngezilimi eziningi ezahlukene, kodwa uma engazi ukuthi ubani uMzali wakhe!

203 Njengoba ngishilo esikhathini esingeside esedlule; uma noma yiyiphi into iyinto engazi lutho, ngumnyuzi. Awazi ukuthi ubani ubaba noma umama. Uyinto ebhasteliwe, niyabo, awazi ukuthi ubani, yimuphi ubaba, umama. Awazi ukuthi ungowangaphi. Lokho kunjengalawa amanye amaKristu abhasteliwe, abizwa kanjalo, azalwe phakathi ngamahlelo. Kodwa ihhashi elihle lohlobo lokuzalwa liwuhlobo lwangempela, liyazi ukuthi konke kumayelana nani

204 NomKristu owuhlobo oluhle lokuzalwa uyazi ukuthi iNqolobane kaNkulunkulu ikuphi. Bayazi ukuthi bazalwa yiZwi. IZwi lenziwe inyama kubo. Lonke iZwi uNkulunkulu alishoyo, abehluki kuLo; bathi, "Liqinisile! Amen, futhi amen!" BaLigcizelela ngo "amen," ngaso sonke isikhathi. "Amen! Amen!" Into ethize kubona iyaLigcizelela, Yena uqobo.

"UJesu Kristu nguyena izolo, namuhla, naphakade."

"Amen!"

"Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza."

"Amen!"

205 "Hambani ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo abhaphathizwe, uyakusindiswa. Nalezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo."

"Amen!"

206 Isikhukhukazi esidala sathi, "Ku-ku-ku, nezinsuku zezimangaliso selwedlule."

Kodwa, "Honk-honk-honk, ngizwa iphunga lamanzi!"

207 Niyabo, yilokho-ke. Kunjalo. Niyabo? Ngani na? Ufaka uNkulunkulu esivivinyweni. Niyabo, yilokho-ke, uNkulunkulu kuqala. Sebenzela phezu kweZwi laKhe, futhi ubone ukuthi Liqinisile yini. Yiqiniso lelo.

208 UJohane umBhaphathizi wayelandela ngqo ngokuhambisana nomkhakha wakhe womsebenzi. Ngenkathi yena nje u—umfana, asinabufakazi obuningi obubhalwe phansi.

209 Uyise wayeyindoda enomoya omuhle, kodwa akamkholwanga uNkulunkulu. UNkulunkulu wayezo phokophelela ukuba ayilethe ngoElizabethe. Lengane ngakho wamtshela, wamtshela ukuthi wayezo . . . Wayezokhulelwa lomntwana. Futhi wakungabaza, Wayesemshaya ngokuba yisimungulu. Sengathi ngiyayibona inhliziyo yabazali bakaJohane umBhaphathizi, uElizabethe noZakariya, wayethe ukudabuka, ngoba babaziwa ukuthi base begugile. Nalomntwana owayethenjisiwe owayekade ezelwe,

uNkulunkulu ayenze isimangaliso futhi waletha lomntwana ezweni, ngenkathi sebegugile futhi sebedlule emnyakeni. Babazi ukuthi izinhliziyo zabo zazidumazekile ngoba abaphilanga isikhathi eside ngokwenele ukumbona enza umsebenzi wakhe omkhulu kaNkulunkulu. Kodwa bamnikela kuwo! Udumo kuNkulunkulu! Ndawo ndawo ngaleya kwezinkanyezi nenyanga, babengabuka phansi ukuba bakubone. Babengeke neze bambone lomfana omncane . . . Bafa. Bafa esengumntwana nje, umfo omncane. Umfana, washiya ikhaya lakubo wayeseya ehlane. Lapho wakhuliswa khona, ngaphansi kwaMandla kaNkulunkulu.

210 UNkulunkulu wamtshela, "Wena uyizwi lomemezayo ehlane. Ngiyakuthuma. Hamba, futhi umemeze!"

211 Kufanele ukuthi uJohane walinda usuku ngalunye, lapho exosha izinyoka emadwaleni, futhi ekhahlela amatshe. "O, angikwazi ukulinda!"

"Ulindeni, Johane na?"

212 "Nje, ngifuna ukuzwa umyalo waKhe, ilokho kuphela." "Sukani endleni, zinyoka!" Zazibalekela emadwaleni. Yingalesosizathu, labo bafarisi bephuma, wathi, "O, nzalo yezinyoka, balekani emadwaleni!"

213 Ngisho into efanayo kulobubusuku. Nzalo yezinyoka, balekelani emanzini! Amen. Niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Lamatheyiphu, lokhu kuyatheyishwa, kuzoya emhlabeni jikelele. Balekelani emanzini, uma nifuna ukubona izimangaliso zikaNkulunkulu.

214 UJohane ehamba elandela ngqo. Umfo obukeka kahle uyakhuphuka; wathi, "Mhlawumbe nguye Lowo." Wabheka. "Qhabo, akusuye Lowo. Qhabo. UNkulunkulu wanginika isithembiso."

"Johane, uthi uMesiya uyaphila namhlanje na?"

"Yebo."

"Ukuphi na?"

215 "Lapha emhlabeni, ndawo ndawo. Angazi ukuthi Ukuphi, kodwa ngizoMazi uma Efika."

"Wazi kanjani?"

"UNkulunkulu wangitshela ukuthi angibobhekani."

216 "Wazi kanjani ukuthi uzophiliswa uma ukhulekelwa na?" UNkulunkulu wangitshela ukuthi angibobhekani. "Wazi kanjani ukuthi uzokwemukela uMoya oNgcwele na?" Ngilandela iZwi laKhe. Wangitshela ukuthi angibobhekani, ngiyazi ukuthi yini ezayo elandelayo, niyabo. Uyazi ukuthi yini ezayo elandelayo na? Uma uzolalela iZwi likaNkulunkulu, isithembiso saKhe siba ngesilandelayo. Ngeke aqamba amanga; UnguNkulunkulu.

"Yini elandelayo na?"

UJohane wathi, "NgizoMbona uma Efika."

217 Bathi, "O, buka lomfo ozayo lapho. Lowo, unomqhele ekhanda lakhe, lowo ufanele ukuba uMesiya, eshayela lawo mahhashi."

Wathi, "Akusuye Lowo."

218 Wahamba wakhuphukela kuye ngqo, wathi, "Awuvunyelwe ukuthatha umka mfowenu!" Babazi ukuthi khona into ethize engalungile lapho. Wakhuphukela kuye, wayesemtshela. Lowo kwakuwuHerodi, niyabo. Futhi, o, kwamenza wahlanya kakhulu unkosikazi wakhe, wamzonda inqobo nje esaphila. Niyabo?

219 UJohane wayelokhu ebhekile. Wathi, "O, ngizoMazi uma Efika."

"Wazi kanjani na?"

220 "UNkulunkulu wangitshela ukuthi ngiyobona isibonakaliso, futhi siyoba isibonakaliso sikaMesiya. Ngiyomazi uMesiya ngoba isibonakaliso sikaMesiya siyoba lapho."

221 UNkulunkulu uyalazi iBandla laKhe. Wathi, "Lezizibonakaliso ziyobalandela." Hhayi ukuthi "Bayoba ngaba maMethodisti, amaBaptisti, noma amaPentekostal." Kodwa, "Lezizibonakaliso ziyobalandela abakholwayo." Uyawazi amakholwa.

Mhlampe wena uthi, namhlanje, "Ngabe uyikholwa na?"

222 "O, ngiyiMethodisti." Awu, lokho kukhombisa ukuthi awusilo-ke ikholwa, niyabo. "NgiyiPentekostal." Lokho kusakhombisa ukuthi awusilo ikholwa.

223 Uma uyikholwa, ukholwa uNkulunkulu! Wonke umuntu uyakwazi, ubekwe uphawu nguMbuso kaNkulunkulu; nophawu lunhlangothi zombili ephepheni, kokubili kuza futhi kuhamba. Niyabo, ungabatshela. Kulungile.

224 Wathi, "NgiyoMazi uma Efika, ngoba kuyoba khona isibonakaliso. Ngiyobona isibonakaliso sikaMesiya." Ngolunye usuku wabheka . . .

225 O, mfowethu! Ngani? WayeSibhekile, waSiqonda kanjalo-ke. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti—Umhl.] Ngiyethemba lokho kuyazika. NiSibhekile na? Ngabe nibhekisise into ethize ukuba yenzeke na? Manje-ke yazini imiBhalo!

226 Manje, bonke labo bapristi benu bezungeze lapho, wayekhaliphe ngokuphindwe kahlanu kunoJohane. Asinabo ubufakazi obubhalwe phansi bokuthi waya kusiphi isikole, usuku olulodwa. Kodwa nakhu kumi abapristi, ukuthi okhokho bokhokho bokhokho bokhokho babo babengabapristi. Nakhu kumi indoda lapho eyayazi onke ama intshi alowombhalo ogoqwayo, bonke abaprofethi noGenesisi, nakho konke ngawo.

Kodwa, niyabo, uJohane wayebheke isibonakaliso, uMesiya! Wayazi ukuthi uma lowo kwakunguNkulunkulu, kwakuzoba khona into ethize engaphezu kwemvelo mayelana nakho. Kunjalo.

227 Kunjalo nanamhlanje! Uma ungumKristu, kukhona into ethize engaphezu kwemvelo eyakushayayo. Uma ingashayanga, udukisiwe. Usaphila impilo efanayo nesowake wayiphila, usathanda izinto ezifanayo owawusalokhu uzithanda ekuqaleni, usazithanda, udukisiwe; kunjalo, awusiyo indodana noma indodakazi kaNkulunkulu.

228 Manje-ke siyathola, uJohane wayemi lapho ngolunye usuku, futhi bathi i . . . befunda e—e—endabeni encane ngaYe, bathi uJohane wayengakwelinye icala lomfula, basebemesekelile ngakwelinye icala. Yileyondlela abenza ngayo encekwini kaNkulunkulu, besekela ukuyikhipha kuwo onke amahlelo zonke izinhlangano, yonke enye into. Wayengenapulpiti lokuba abe kulo; kodwa wayesodakeni, lufika emadolweni akhe. Wayengafake sudu yedina, nokhololo wakhe ophendukezelwe, engawufakile. Qhabo, mnumzane. Wayenesiqephu sesikhumba semvu ayesembethe ezisonge ngaso mhlampe ebukeka njengendoda yasendle emi phandle lapho.

229 Nalabobapristi bathi "Uqonde ukungitshela ukuthi kuyofika isikhathi lapho khona lelithempeli elikhulu, inhlangano yethu enkulu, iyowa khona na?"

Wathi, "Impela, iyowa."

"Ukwazi kanjani na?"

230 "Uwufunda kanjani umbhalo na? Kuza uMesiya, nalowo Mesiya uyowususa umhlatshelo wemihla ngemihla. UDanyeli washo njalo! Umprofethi washo njalo!" Haleluya!

O, ngizizwa kakhulu ngigcwala ukholo ngasosonke isikhathi! (kufanele ngime.)

Ukwazi kanjani na? Umprofethi washo njalo!

231 Wazi kanjalo-ke uMikhaya ukuthi wayengenakumbusisa uAhabi; uElija wayemqalekisile. Yilokho kuphela. Wayefanele ahlale neZwi. Ufuna ukubona imisebenzi kaNkulunkulu, ufanele ulandele iZwi likaNkulunkulu. Wayazi ukuthi kwakungenakwenzeka.

232 Ngakho kwenzekani-ke na? Wayefuna ukubona imisebenzi kaNkulunkulu. UJohane wathi, "NgiyoMazi uma Efika."

233 Ngolunye usuku wayemi lapho, wathi, "Yebo, kuyofika isikhathi ukuthi umhlatshelo wemihla ngemihla uyosuswa. UMesiya uyoba ngumHlatshelo wemihla ngemihla. Nesinengiso esenza izincithakalo siyongena."

"Rabi, ukuthathaphi lokho na? Lokho kuphambene nesivumokholo sethu."

234 Kodwa aKuphambene neZwi likaNkulunkulu. Nango umprofethi, ngoba iZwi leNkosi lalinalowo mprofethi. Kunjalo.

235 Futhi wathi, "Bheka, nakhu kumi iWundlu likaNkulunkulu, elisusa isono sezwe." Ojwayelekile, omncane, uMfo omahlombe aqhothile emi lapho, eza ehamba ehla ebheke ngasemfuleni, ehambisana noLazaru. UMuntu ojwayelekile nje, eqgoke njengabantu abejwayelekile; akampristi, akaturbin, akukho mqhele, akukho lutho; uMfana ozihluphekelayo nje, uMbazi, eza ehamba ehla, nezandla zaKhe zigcwele izincezu zezinkuni, mhlawumbe; eza ehamba ehla.

"Uqonde ukungitshela . . . "

236 "Ini? AwuMboni lapho na? Bhekani!" Kusho ukuthi, "Bhekani ku, ukwazisa! Nanto iWundlu likaNkulunkulu, elisusa isono sezwe."

237 Abanye babo bathi, "Awu, niyazi ukuthi uBani lowo na? Leyo indodana yombazi. Manje, siyazi lowomfo akasuye umprofethi." Kodwa, Wayenguye. Wayenguye. Wayazi. "Ngani? Akazi ukuthi ukhuluma ngani?" Yebo, wayazi. "WayengaMtshela kanjani nayikuphi ukwehluka kunoma yimuphi omunye umuntu na?" UMesiya uyokwehluka. "Siyokwazi kanjani na?" UJohane wabona into ethize abangayibonanga.

238 Kuya ngokuthi ubhekani. Ubonani kulobubusuku na? Ngabe ubona indoda enkulu, ethandwa ngabantu, ihlelo elikhulu, nayo yonke into iwela emathangeni akho na? Noma, uthatha nje indlela nabayingcosana abadelelekile beNkosi na? Ubona iBhayibheli na? Ubona iZwi likaNkulunkulu na? Uma uzelwe ngokusha, uzoLibona. Uze uzalwe, ngeke uLibone.

239 Nangu Eza. Wathi, "Owangitshela, ehlane!" O, mfowethu! "Owangitshela ukuba ngi 'memeze'! Kade ngimemeza lapha izinyanga eziyisithupha, kuze kuyothi ngqi kusihlwa, ndawo zonke lapha, phansi-naphezulu naleliJordani, ngigxambuza kuloludaka; ngiqophisana nani bashumayeli, bashumayeli, ngikhahlela amahlelo enu macala onke, ngininyathela koqukulu benu abanezilonda. Kodwa Into ilapha, ngiyaYibona!"

"Wazi kanjani na?"

240 "Yena Lowo ofanayo owangitshela ukuba 'ngibe yizwi elimemeza ehlane,' uNkulunkulu wayengivusele leyonhloso, wathi, 'Lowo engiyobona uMoya uphezu kwaKhe.'"

241 UJohane waMazi. Wenzani na? Washumayela iZwi kuqala, walalela iZwi, futhi wabona isibonakaliso sikaNkulunkulu. Futhi, khumbulani, akuqoshiwe ukuthi noma yimuphi omunye umuntu owayemi lapho waLibona. UJohane waLibona, yedwa. Kuya ngokuthi ufunani. Ngani? UJohane wayelalela iZwi. Abapristi nabo wayengalilaleli iZwi. UJohane wayelalela iZwi,

umyalo wakhe, futhi waLibona. (Sizosheshisa masinyane; sifanele.)

242 UMarta, ethuneni. Wayedibane neZwi likaNkulunkulu. WaLikholwa. Ngaphambi kokuba abone isimangaliso sikaNkulunkulu, wadingeka ukuba alikholwe iZwi likaNkulunkulu futhi asebenzele phezu kwaLo. Wathi, "Nkosi, ukuba ubulapha, umfowethu nga engafanga."

243 Wathi, "Marta, Mina ngingukuvuka nokuPhila. Okholwa yiMi, noma efa, wophila. Nalowo ophila akholwe yiMi, kasoze afa naphakade. Uyakholwa yilokhu na?"

Wathi, "Yebo, Nkosi." Nakho lapho okhona, enza! "Ngiyakholwa."

"Ukholwa yini, Marta na?"

"Ukuthi Wena unguKristu obezakuza ezweni."

Wathi, "Nimbelephi na?"

244 Behlela lapho ethuneni, futhi Wayelapho emi lapho. (Wathi, "Ngifuna ukubona ukuthi ngabe ukholwa ngempela yini ukuthi NgiyiZwi.") Wathi, "Susani itshe."

245 Wahamba wayosebenzela eZwini! Wayefanele, ukuba abone ukufa kuphenduke ukuphila.

246 Futhi indlela kuphela oyoke ukwazi ngayo ukubona ukufa kuphenduke ukuphila, ngukuba uthathe iZwi laKhe bese usebenzela phezu kwaLo!

247 Uma uyisoni, thatha iZwi laKhe bese usebenzela phezu kwaLo, khona-ke uzobona isimangaliso sikaNkulunkulu. Uba yisimangaliso sikaNkulunkulu.

248 Uma ugula, thatha iZwi likaNkulunkulu! Udokotela uthi, "Uzofa." Thatha iZwi likaNkulunkulu usebenzele phezu kwaLo, lokho kuzoletha ukuphila okusha. O, he!

249 Ngiyaxolisa ukunihlalisa isikhathi eside. Okunye okuthi akube kubili nje, ngizobe sengiyeka-ke. Niyabo, okunye nje okuthi akube kubili. Qiniso, ngizoyeka. Ngiyaxolisa ukuthatha isikhathi somfowethu. Niyabo, nje kubashiyela amahora amabili akho. Bukani.

250 Owesifazane emthonjeni. Wayeyisoni. Wayenamadoda amahlanu. Uphumula lapho ngoluny'usuku, ukuzokha amanzi. Uqala ukukha amanzi, futhi wezwa uMuntu ethi, "Sifazane, Ngiphuzise."

251 Waqalaza, wayesethi, "Akusilo isiko ukuba abaJuda bakhulume namaSamariya. Ngingowesifazane waseSamariya. Futhi akusilo isiko. Kungani Ukhulume nami na?"

252 Wathi, "Kodwa uma bewazi ukuthi Ubani obukhuluma naye, ubuyocela kiMi amanzi."

253 "Ngani," wathi, "umthombo ujulile, futhi Awunalutho lokuwakha." Wathi, "Uzokwenza kanjani, kanjani—kanjani ukuthi Uthole amanzi na?"

254 Wayesethi, "AManzi eNgiwanikezayo, ayoba yisiphethu saManzi, ukuphophoza, aphethuza emphefumulweni."

255 Wathi, "Manje, awulinde umzuzu. Wena uyiJuda, Ukhuleka eJerusalema, futhi obaba bethu bakhuleka kulentaba," kanjalonjalo.

256 Wathi, "Ngikholwe! Ihora liyeza, nakalokhu selikhona, lapho ningasayikukhuleka eJerusalema noma kulentaba. Kodwa uNkulunkulu unguMoya, nalabo abakhuleka kuYe bafanele bakhuleke kuYe ngoMoya."

257 Akungabazeki owesifazane wathi, "Manje, awulinde umzuzu. Ubani loMfo, empeleni na?" Wayefuna ukuba azi WayenguBani, ngoba wayefanele aMethule kumaSamariya. "UnguBani na?" washo.

258 Wakhuluma naye imizuzu embalwa. Wathi, "Sifazane, hamba ubize indoda yakho, futhi uze lapha."

259 (Kodwa wathi, "Manje Uzenza ohlakaniphile," niyabo.) Wathi, "Anginandoda." Ah-o!

260 Induku-ke yase iya emhlatshelweni. Niyabo, kukhona okwenzekayo. Kwenzekani na? Wasibona isimangaliso sikaNkulunkulu. Wathi, "Usho iqiniso. Ngoba, ubunayisihlanu, nale ohlala nayo manje ayisiyo indoda yakho, ngakho ukhulume iqiniso."

261 Wajika. Wazi ukuthi uNkulunkulu, kubantu, wayekade esafa iminyaka; abapristi babo norabi, kanjalonjalo, babekhulume ngoNkulunkulu. Kodwa wethenjiswa eBhayibhelini ukuthi Wayekhona ozayo!

262 Wathi, "Nkosi, ngiyabona ukuthi ungumprofethi Wena." Niyabo? "Siyazi ukuthi uMesiya uyeza." ("Manje mangiqiniseke ngalokhu.") "Siyazi ukuthi uMesiya uyeza." ("NgizoMbuza lokhu, futhi ngizobona ukuthi izwi laKhe liyini; umuntu ngeke angitshela lokho, ongamaziyo uNkulunkulu.") "Siyazi ukuthi uMesiya uyeza, Othiwa uKristu. Futhi, nxa Efika, yilento Azoyenza nxa Efika. Sibheke Yena."

Wathi, "NginguYe."

263 Lokho kwakwenele. Lokho kwakwenele. Wagijimela emzini. Wathi, "Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto engizenzile."

264 Ngaphambi kokuba alethe lowomlayezo, wayefanele ukuthi kuqala abone isimangaliso sikaNkulunkulu. Ngaphambi kokuba abone isimangaliso sikaNkulunkulu, wayefanele athathe uNkulunkulu eZwini laKhe. Kunjalo impela.

O, he, besingaqhubeka impela! Ake sithole okunye.

265 IPentekoste. Emva kokuba kade behambe neZwi, emva kokuba babekade bebone iZwi, emva kokuba kade bekholwe yiZwi; kodwa ngaphambi kokuba babone isimangaliso sePentekoste, babefanele balalele iZwi. Niyabo? "Yenyukelani emzini waseJerusalema," kwasho iZwi, "futhi nilinde lapho nize nembathiswe Amandla avela Phezulu."

266 Manje, ukuba-ke kwakwedlule izinsuku eziyisishiyagalombili, uMathewu waqalaza ngale kuMarku, wayesethi, "Uyazi ukuthini? Ngezwa umuzwa omncane oxakile ngoluny'suku, kufanele ukuthi lowo kwakunguMoya oNgcwele. Wasitshela ukuba silinde phezulu lapha. Niyabo, lowo kufanele ukuthi bekuyiWo."

"O, asilinde oluny'usuku."

267 Usuku lwesishiyagalolunye luyafika. "Awu, manje, Wasitshela ukuba sikhuphukele lapha, ezinsukwini eziyisishiyagalolunye ezedlule. Impela, anikholwa ukuthi sesiMamukele na? Ngikholwa ukuthi saMthola ngenkathi siMkholwa. Anicabangi kanjalo na?" O, nina maBaptisti amahle! Niyabo? Wathi, "Ngiyakholwa. Ngikholwa ukuthi sesiMtholile, ngoba Wasitshela ukuba sikhuphukele lapha. Futhi niyazi ukuthi ngikholwa yini na? Ngikholwa ukuthi, kwathi nje singakhuphukela lapha, sakulalela Akushoyo."

268 Kodwa Wathini na? Akashongo ukuthi, "Uma nenyukela lapho, niyoMthola." Akashongo ukuthi, "Lindani izinsuku ezinhlanu, noma izinsuku eziyisishiyagalolunye." Wathi, "Nize!" Yilokho-ke. "Labo abalinda eNkosini, bayothola amandla amasha." Niyabo?

269 Nenzani na? Thathani iZwi laKhe, nisebenzele kuLo futhi nihlale naLo ngqo. Usuku ngalunye, nime-manzonzo noSathane, naLo, "Kulotshiwe! Kulotshiwe! Kulotshiwe! Kulotshiwe! Kulotshiwe! Kulotshiwe! Kulotshiwe!" Kufanele kufezeke! Usebenzela phezu kweZwi, niyabo, khona-ke nizobona isimangaliso sikaNkulunkulu. Kunjalo. Kodwa kuqala ufanele usebenzele phezu kwaLo.

270 Benyukela lapho futhi balilalela iZwi, bahlala lapho.

271 Kufika usuku lwesishiyagalolunye. Sengiyamuzwa uPetru ethi, "Niyazi ukuthini, nicabanga ukuthini bazalwane na?"

272 Kufanele ukuthi uMarku wasukuma, wayesethi, "Niyazi ukuthini? Bazalwane, asiMemukele ngokukholwa nje, ngoba siyalalela." Qhabo, anilaleli ngokugcwele.

273 Wena uthi, "Ngabhaphathizwa egameni lika 'Yise, iNdodana, noMoya oNgcwele.'" Lokho, lokho akusikho ukulalela ngokugcwele. Niyabo? Wena uthi, "Ngajoyina ibandla." Lokho akusikho ukulalela, niyabo. "Ngiphindaphinda isiVumokholo sabaPhostoli." Lokho kuseyilokhu kungakabisikho ukulalela. "O, mfowethu,

ngakuyeka ukuqamba kwami amanga nokweba. Angenzi lutho okwedelelekile." Lokho kuseyilokhu kungakabisikho ukulalela.

274 Kufanele kube ngukuZalwa! Kuzofanele kubekhona into ethize eyenzekayo. Ufanele ufe, futhi kubekhona Into ezalwayo kuwe.

275 O, emva kwezinsuku eziningi kangaka belindile, kwedlula izinsuku eziyisishiyagalolunye. Bathi, "AsiMemukele nje, bese siqhubeka nenkonzo yethu. Izwe liyafa phandle lapho, kungani sifanele silinde isikhathi eside na?"

276 Sengiyamuzwa uPetru ethi, "Kodwa, niyazi, kukhona Into engitshela ukuthi akukalungi kahle. Lokho akusikho nje impela ukulalela iZwi. Niyabo, uma sibheke ukubona isibonakaliso uNkulunkulu asethembisa sona, sokuthumela isiThembiso sikaBaba phezu kwethu, sifanele silinde lapha kuze kwenzeke into ethize. Ngoba, umBhalo washo ukuthi lokhu kwakuzofika ngaloluhlobo, uJoweli wathi, 'Ngiyakuthulula uMoya waMi kuyoyonke inyama. Amadodana enu namadodakazi ayakuprofetha. Phezu kwezincekukazi zami nezincekukazi eziyizisebenzi Ngiyakuthulula uMoya waMi. Ngiyobonisa izibonakaliso nezimanga emaZulwini nasemhlabeni.' UIsaya umprofethi wathi, 'Nangezilimi ezingingizayo Ngiyakukhuluma kulababantu, nalolu wusuku lwesabatha abafanele bangene kulo. Ngakho konke lokhu, abakuzwanga.' Manje, bazalwane, besingeke sahamba siphume kanjalo, singabonanga ngisho nesehlo nhlobo, niyabo. Sifanele sibe nento ethize, ngoba Wathi, 'Lindani lapha nize nembathiswe Amandla.' Manje anginaMandla amanye kunoma benginjalo ngenkathi ngingena lapha. Kade ngilapha ubusuku bonke, kade ngilapha ebusukwini obulandelayo, kade ngilapha ubusuku obuyisishiyagalolunye. Ngisafana nje njengoba benginjalo ngenkathi ngingena lapha. Wasitshela ukuthi siyokwemukela Amandla, ngakho masibe silokhu silindile nje."

277 Manje-ke, khona manjalo, lapho sebelilalele ngokugcwele iZwi likaNkulunkulu, khona-ke babona isimangaliso sePentekoste. Babona uMlilo wehlela endlini. LeyoNsika yoMlilo yehla, yangena phakathi kwabantu; namalangabi amakhulu, njengezilimi ezehlukeneyo, zahlala phezu kwalowo nalowo wabo. Futhi bonke bagcwala uMoya oNgcwele, base beqala ukukhuluma ngezinye izilimi, njengalokho uMoya wabapha ukuphumisela.

278 Kukhona okwenzekayo nini na? Ngenkathi—ngenkathi benza isinqumo sabo ukuba, abasebevele beSemukele na? Qhabo. Ngenkathi belilalele ngokugcwele iZwi likaNkulunkulu, basibona isimangaliso sePentekoste. Kunjalo nanamhlanje, ufanele wenze into efanele.

279 Manje, bangane, sengivala ngempela ngalokhu. Angisezukuphenya elinye ikhasi. Kulungile, ndoda elandelayo lunga uma ngisho lokhu.

280 Manje, nakuba ngingabiza ngayo yonke into enokubizwa, ngokuthi imbi, "umginqgiki ongcwele, ipentecostal, umbhidlizi wamabandla, umzenzisi, uBelzabule, umphuphi." Yonke into enokubizwa, sibizwa ngayo. Kodwa benzani, bakubiza ngokuthini na? "Umphuphi, uBelzabule, umprofethi wamanga, uJesu Yedwa," yonke enye into enokubizwa, yonke into embi ebinokubizwa.

281 Kodwa, ngokukholwa yiZwi leqiniso likaNkulunkulu, umprofethi waKhe weqiniso weZwi, senzani na? Sibona izinto esizibonayo.

O, bayovela eMpumalanga naseNtshonalanga,
Bayovela emazweni akude,
Ukuzoba semkhosini neNkosi yethu, ukuzokudla njengesimenywa saKhe;
Zibusiswe kakhulu kangaka lezizihambi!
Zibheka ubuso baKhe obungcwelisiweyo
Ukukhazimula okunobuNkulunkulu bothando;
Abahlanganyeli ababusisiwe bomusa waKhe,
Njengamatshana amagugu emqheleni waKhe ukuba akhanye.

UJesu uyeza masinyane,
Izivivinyo zethu ziyophela-ke.
O, ukuba-ke iNkosi yethu kulomzuzwana ibingafikela
Labo abakhululekileyo esonweni na?
O, khona-ke bekunganilethela injabulo,
Noma usizi noma ukuphela ithemba okujulile na?
Lapho iNkosi yethu enkazimulweni ifika,
SiyoYihlangabeza phezulu emoyeni.

282 Ngani na? Sisebenzela phezu kweZwi laKhe! Amen. Biza noma yini into ofuna ukuyibiza. Sibona isibonakaliso sikaMesiya phakathi kwethu. Sibona iNsika yoMlilo. Ngeke nakuphika! Basibiza nganoma yini into abafuna ukusibiza ngayo. UNkulunkulu ulapha. Isayense ithwebule isithombe saYo. Ngani na? Ukulalela iZwi laKhe! Akukaze kwenziwe emlandweni, kepha nokho iso lokomshini lekhamera lithi nguYe, kukhona ukuKhanya okwashaya ingilazi eqoqa ukukhanya ikuhambise ngamsebe munye. Ngani na? Ukuthatha iZwi likaNkulunkulu kuqala! Ayekeni amahlelo anikhahlele anikhiphe, uma efuna. Mawanifulathele onke, uma nifuna. Kodwa sebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu, uma nifuna ukubona isimangaliso sikaNkulunkulu!

283 UJesu wethembisa, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu."

284 LeyoNgelosi yehla, uNkulunkulu wabonakaliswa emzimbeni womuntu, Wafulathela ithende, wayesethi ku... engazi ukuthi uAbrahama wayengubani, ngokushaya sengathi, wathi, "Abrahama." Hhayi ukuthi Abrama; Wayeselishintshile nje igama lakhe, ezinsukwini ezithi azibe mbili ngaphambi kwalokho. "Uphi umkakho, uSara na?" Hhayi uS-a-r-a-y-i. US-a-r-a! "Uphi umkakho, uSara na?" Wambiza ngegama lobubaba, naye owesifazane ngegama lenkosazana yenkosi. O! WayenguBani na? UAbrahama wazi khona ngaleyonkathi ukuthi kwakunguBani.

Wathi, "Usethendeni, emva kwaKho."

285 Wathi, "Ngizokuvakashela, Abrahama. Mina, Ngizokuvakashela, ngokwesithembiso saMi engasinika wena, ngoba ulindile manje yonke leminyaka. Ususilinde iminyaka engamashumi amabili-nanhlanu. Uhlale neZwi ngqo, usebenzela phezu kweZwi. Wakuphika ngisho nokuthi ungowasemhlabeni. Usuphenduke isihambi nomfokazi. Ufuna uMuzi ozayo, OMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Ngakwethembisa lokho, ngalomntwana oyozalwa, ukuthi uyoba...uyoba nguyise wezizwe eziningi. Ngikwethembisile. Usebenzele phezu kweZwi, manje uzobona isimangaliso sikaNkulunkulu."

"Ngizosibona kanjani, Nkosi yami na?"

"Uphi uSara, umkakho na?"

"Ethendeni, emva kwaKho."

Ngakho, "Ngizokuvakashela, ngokwesikhathi sokuphila."

286 NoSara wahleka phakathi kwakhe, wathi, "Kungenzeka kanjani ukuthi mina, isalukazi; nenkosi yami, isindala, nayo; sike sibe nenjabulo futhi na?"

Wathi, "Uhlekeleni uSara na?"

287 Wayesebenzele phezu keZwi likaNkulunkulu. Wayebona isimangaliso sikaNkulunkulu.

288 UJesu wathi, "Njengoba kwenzeka emihleni yaseSodoma, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu." Niyabo, sebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu, futhi uyobona isimangaliso sikaNkulunkulu.

289 Kwakuyini na? Ngenkathi sima lapha, esikhathini esingeside esedlule, sishumayela *Iminyaka yeBandla*, futhi sayehlisa, nalesosibonakaliso esincane esingapho, sadweba lapha ebhodini. Futhi kuzo lezizethameli, phambi kwabantu abaningi kunalabo abahlezi phakathi lapha manje, kwathi nje ngingaqeda ukukhuluma, ukuKhanya kwakhazimula phansi, futhi kwabuyela lapho futhi kwalenga kulolodonga.

Nethunzi lakwengamela, ngenkathi wonke umuntu ekubuka, futhi kwakala leyominyaka yebandla ngayo impela nje indlela ekhona ngayo. Bangaki olapha manje owayelapha ngalolosuku, phakamisa isandla sakho. Niyabo? Nikubuka ngamehlo enu ngqo! Kwakuyini na? Kuqala, ukukholwa iZwi likaNkulunkulu, ukushumayela iZwi likaNkulunkulu, ukwemukela iZwi likaNkulunkulu; futhi sabona isimangaliso sikaNkulunkulu siqinisa ngeZwi, ukuthi Laliqinisile.

> O, uJesu uyeza masinyane, (sonke kanyekanye)
> Izivivinyo zethu ziyophela-ke.
> O, ukuba-ke lomzuzwana ubungafikela
> Labo abakhululekileyo esonweni na?
> O, khona-ke bekuzonilethela injabulo,
> Noma usizi nokuphela ithemba okujulile na?
> Lapho iNkosi yethu enkazimulweni ifika,
> SiyoYihlangabeza phezulu emoyeni. Amen.

290 Ngani na? Sikholelwa eZwini laKhe, sigcina Amafutha esesibanini, silungisiwe futhi sivutha, "Nidedela ukuKhanya kwenu kukhanye kanjalo ukuze omunye umuntu abone imisebenzi yenu emihle, izithelo zenu, bakhazimulise uBaba oseZulwini." Futhi kuyokwenzekani na? Bekholwa yiZwi likaNkulunkulu, futhi besebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu, siyoyihlangabeza phezulu emoyeni. Akusilo ithunzi lokungabaza! UNkulunkulu anibusise.

291 Sengizoyeka, cishe okukodwa kokuthathu ngiqede. Ngizobuye ngikuqede ngesinye isikhathi, iNkosi ithanda. "Uma uNkulunkulu enathi, ziphi izibonakaliso zaKhe na?" Niyabo? Niyakukholwa na?

292 O Nkulunkulu, masibone u—unyaka ozayo. Masibone unyaka ozayo, izinhliziyo zethu zize zinganeliseki ngehlelo lebandla, noma isivumokholo, ngokuxhawulana, noma i, okubizwa kanjalo, inkolo. Masingeneliswa size sizwe Amandla asebenza izimangaliso, noNkulunkulu ethatha i . . . ezinhliziyweni zethu uqobo, ekhipha izwe, futhi ebumba uKristu. Manje, hhayi kulobubusuku, nakusasa uqale ukwenza enye into; kodwa ukhulele kuYe, wenyukele emumweni waKhe. Sikhulela kuYe, size sihlangane naYe. Asikhothamise amakhanda ethu.

> Indawo, indawo, yebo, ikhona indawo,
> Kukhona indawo eMthonjeni yakho;
> Indawo, indawo, yebo, kukhona indawo,
> Kukhona indawo eMthonjeni yami.

293 Baba wethu waseZulwini, ngokuthobeka komphefumulo nomoya, ngishe izwi, nalamazwi ambalwa asikayo noma aphukile, Nkosi, ngikhulekela ukuthi Uzowathatha futhi uwapheshe uwahlanganise; ngingazi ukuthi kwenziwa njani, kodwa ukusho nje okufika emqondweni wami.

Ngikubeke phansi enhliziyweni yawo wonke umuntu, futhi ngibenze bakubone, ngesimo okwethulwa ngaso. Futhi, Baba, kuzokwenza imizindlo kubo, kuzoletha uKristu kubo. Sibusise kulobubusuku, Baba. Siyalinda, sisebenzela phezu kweZwi likaNkulunkulu.

294 Busisa lababazalwane, Nkosi. Ngithethelele, Baba, ngokuthatha esinye sesikhathi sabo. Ngikhulekela ukuthi Uzobagcoba ngoMoya oNgcwele, ngangokuthi Amandla kaNkulunkulu azokwehlela kuyo yonke indlu lapha, nezoni kwangathi zingeza e altare futhi—futhi zikhale izinyembezi endleleni yazo ebheke eKalvari, nokuthi abagulayo bazophiliswa, nezibonakaliso nezimanga zizokwenziwa, futhi sizobona Amandla kaNkulunkulu ophilayo esebenza izimangaliso. Silindele lokho, Baba, eGameni likaJesu. Amen.

295 Ayibongwe iNkosi! NiyaYithanda na? Uma uNkulunkulu enathi, asibone isibonakaliso saKhe!

296 Siphi isibonakaliso sikaMesiya esiyiso izolo, namuhla, naphakade? Uma lowoMesiya efana, Uyoba nesibonakaliso esifanayo. Ukuphi na? Ungowayiphi inhlangano na? Yiyiphi inhlangano esingahamba sijoyinane nayo, futhi sithole uMesiya, isibonakaliso saKhe na? Yiyiphi indlu esingangena kuyo, ukuba siLithole na? Kucabange.

Ngiyaxolisa, Mfowethu Neville.

*Uma uNkulunkulu Enathi, Pho Ziphi Zonke Izimangaliso na?* ZUL61-1231E

(If God Be With Us, Then Where Is All The Miracles?)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto kusihlwa, ngo Disemba 31, 1961, eTabernakele likaBranham eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 2006 ngabe:

ZULU

©2006 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

Voice Of God Recordings, South Africa Office
58 Disa Road, Admiral's Park, Gordon's Bay 7140 Western Cape
Republic Of South Africa

Voice Of God Recordings
P.O. Box 950, Jeffersonville, Indiana 47131 U.S.A.
www.branham.org

